# *ISIBONAKALISO ESIKHULU*

[UMfowethu Neville uthi, "...izinzuzo uNkulunkulu asilethele zona ngenkonzo yakho nothando. Lapho, ngalesisikhathi, ngingathanda ukukukhombisa, ngendlela encane, ngokukwethulela isipho esincane."—Umhl.] Ngiyabonga, Mfowethu Neville. ["Kwangathi izibusiso zikaNkulunkulu zingaphumula phezu kwakho, mfowethu othandekayo."] Ngiyabonga, kakhulu, Mfowethu Neville.

2 Futhi ngiyabonga, bandla. Angazi nje ukuthi yini engaphakathi kuso. Kodwa ngiyakuthakasela, ngayo yonke inhliziyo yami, konke ebeniyikho kimi, nezinto eningenzele zona. Futhi ukuba bekungenganxa yenu, bengingeke ngibebikho. Ukuba bekungekho umuntu ukukholwa uMlayezo lowo uNkulunkulu anginikeza wona ukuba ngiwushumayele, bekungeke kube nasidingo sokuWushumayela. Kumele kube yithina sobabili, sisebenzisana. Ngakho-ke, ngiyakuthakasela lokhu kakhulu.

3 Ibandla lethu lihlala njalo linakho, ngokufana, phakathi kwethu lapha, amancoko. Manje, ngenkathi ngingena, emizuzwini embalwa edlule nje, egumbini elingemuva, othile unginikeze iphasela, futhi wathi, ngingaphumela emsamo futhi ngethule *lokhu* kuMfowethu Neville. Ekuthakaseleni kwemizwa yami kuye, nenhlanganyelo yalelibandla, nalokho abeyikho kithina kulonyaka, njengomelusi eminyakeni edlule, futhi amathemba nemikhuleko ukuthi uzoqhubeka abe ngumelusi wethu eminyakeni eminingi ezayo, uphawu oluvela ebandleni nami, Mfowethu Neville.

4 [UMfowethu Neville uthi, "Ngiyabonga, kakhulu, kini nonke. UNkulunkulu anibusise. ngiyazithakasela ngempela izinto zomusa nokuba nosizo obekubheke kimi kuvela kubo bonke ebandleni. Futhi ngokweqiniso, kulokhu kusa, ngiyezwa phansi ekujuleni komphefumulweni wami ukuthi wonke umuntu nowokugcina wethu sinokubonga okujulile kuMfowethu Branham ngalokho abeyikho kithi, nenkonzo yakhe. Futhi kwangathi uNkulunkulu angamphumelelisa futhi ambusise lapho eqhubeka eNkosini kulonyaka, ngumkhuleko wami oshisekele. Ngiyabonga, kakhulu. Impela ngiyakuthakasela. Kulungile."—Umhl.]

5 Abantwana abancane, kulungile, ngicabanga ukuthi abafo abancane manje sebeya emagumbini abo—abo. [UMfowethu Neville uthi, "Kunjalo."—Umhl.] Futhi manje khumbulani, yibani amantombazane amancane amahle ngempela nabafana, phandle lapho egumbini kulokhukusa. Ngokuba, emva

kwenkonzo, ngicabanga ukuthi kubukeka sengathi bekukhona okuthile okushiyelwe nina lapha, edilini.

6 Manje, kubantu abadala, njengoba nibona inani labafo abasebasha bethu—bethu ba—bayisibalo impela, silindile ngokulangazelela kuze kufike isikhathi lapho esingaba nesonto elisha khona lapho esingahlukanisa khona lawomakilasi.

7 UDadewethu Arnold ngokuqinisekile unokungagcwala ingalo; hhayi okungagcwala isandla, kepha okungagcwala ingalo. Futhi intombazanyana yami ibingitshela. Ithe, "Babayi, kunzima kakhulu kuDadewethu Arnold." Ithe, "Ngoba, uzobe ekhuluma nathi ngolwimi esizoluqonda, bese kuthi umntwanyanyana omncanyana uzokwenza okuthize, futhi uzodingeka ame bese ebaqondisa, uyabo." Ngakho-ke kwenza kube nzima kulona wesifazane oyedwa ukuba nalo lonke leliklasi. Ngakho siyamthakasela, nobambiswano lwakhe—lwakhe oluhle ukwenza lokho angakwenza ngalesisikhathi sokudinga. INkosi imbusise.

8 Manje siyethemba, ngolunye usuku, masinyane, iNkosi ithanda, ukuba netabernakele elikhulu elihle lapho sonke sizoba nazozonke izinhlobo zamagumbi kaSonto sikole wamakilasi. Ezinganyana, nemidwebo iflaneli grafu; futhi sibe nayo phezulu epulpiti, phezulu *lokhu*, inkulisa enkulu enobuso obuyingilazi, lapho umhlengikazi oqeqeshiwe uzoba lapho ukunakekela bonke abancane. Ngeke kube khona ukugxambukela ezinkonzweni, nhlobo, ukuhamba noma ukudishazela nxazonke. Lababafo abancane abaphumuli, futhi abaqondi. Badingeka babaqonde. Abasiqondi. Futhi ngakho, khona-ke, indawo lapho yonke into izoba ngendlela nje engikholwa ukuthi iNkosi ibingathanda sikwenze ngayo. Ngeke sibe nelihlotshiswe lahlotshiswa, kodwa isonto elihle. Sibheke phambili kulokho.

9 Manje, kuMfowethu Neville nami, ngisanda kudweba umbono, lawa bekungamasudi ezimpahla. Angazi, Mfowethu Neville. [Mfowethu Neville ithi, "Lokho, noma okuthize."—Umhl.] Ngi—ngicabanga ukuthi kunjalo. Anginasiqiniseko. Isizathu, kubukeka njengebhokisi lesudi, kimi. Awuzwa ngendlela efanayo ngakho na? E-hhe. Futhi kungaba amasudi noma amajazi. Futhi ngi—ngi . . . Kokubili kubukeka kufana, ngakho-ke ku—kukhombisa ukuthi akukho kubheka ubuso bomuntu lapha. ["Amen."] Futhi, ngakho-ke, nginejazi. Futhi ngiyazi ukuthi ba—ba . . . Akusilo ijazi. Ngakho-ke ku . . . Unalo elilodwa, futhi, ngakho kufanele ukuthi yisudi. Futhi nje yi . . . Siyakuthakasela nje lokhu kakhulu! ["Amen."]

10 Futhi ngineqiniso, ukuthi, njengabelusi, abelusi bezimvu . . . Igama elithi *melusi* lichaza "umelusi wezimvu, lowo owelusa izimvu." Ngineqiniso ukuthi sinokubonga okukhulu kini, nakini nonke, ngoba beku—bekungumusa wenu nemicabango,

nemali, okwenze lesisipho senzeke kithi kulokhukusa. Futhi ngomusa kaNkulunkulu, siyathembisa qobo lwethu ukuba ngumelusi wenu, ukwenza konke esingakwenza ukuniholela endleleni elungile. Mhlawumbe, ngezinye izikhathi, indlela esikhuluma ngayo nezinto, kungahle kube nzima ukuqonda. Kodwa sikwenza kuphela njengabaholi, sizama ukuniholela kuleyoNdawo, ukuthi, ovukweni niyosithakasela kakhulu ngaleyonkathi. Ngokuba, asizinaki thina uqobo, ekwenzeni lapho sikhuluma nani, hhayi ngemicabango yethu, kodwa sizama ukwenza nje njengoba uMoya oNgcwele ubungasiholela ukuba sikwenze. Futhi lokho okwethu. . . kube ngumzamo wethu. Futhi namanje sisazama ukwenza into efanayo, lokho okulungile, kumelusi nami.

11 Sinokubonga ukubona ukukhanya kwelanga. UDoc, umfowethu, ubesho nje uthumele izwi kuMfowethu Frankie Weber, eFlorida, wathi, "Akusuye lowo kuphela ongaphuma ngoKhisimusi futhi ageze ifasitela langaphambili, lemoto yakhe, emikhonweni yehembe lakhe." Wayenza into efanayo, efudumele kakhulu! Awu, niyazi iFlorida iyakhathala ukukhanya kwelanga, ubuka eFlorida ngaso sonke isikhathi, ngakho kuzofanele ikhuphukele e-Indiana futhi ibone ukuthi konke kuhamba kanjani phezulu lapha. Anicabangi kanjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngakho, siyajabula ukuthi iyasivakashela, oku—okungenani imizuzwana embalwa, kulokhukusa.

12 Kodwa, ngaphezu kwakho konke, siyabonga ngokuKhanya kweNdodana kaNkulunkulu, okusinikeza ukukhanya kwentokozo yaPhakade.

13 Angazi noma umfanyana, osanda kungena nje, ubengathanda ukuhlala nomzali wakhe. Noma, kunekilasi likaSonto sikole ngemuva, mfo omncane, uma ungathanda ukuya emuva lapho. Mfowethu Taylor, ungamkhombisa umnumzane omncane ohloniphekile ikilasini. Kulungile. Ngezinye izikhathi bayathanda ukuba nababo, niyazi. Bona, banezinto abahlanganyela kuzo, ukuthi bayathanda ukukhuluma ngazo. Futhi kunjalo nje.

14 Intombazanyana eneminyaka eyishumi-nambili ubudala, njengoba ngivame ukusho, uma ubona intombazane encane enesishiyagalombili-, isishiyagalolunye-, iminyaka eyishumi ubudala ilandelana nogogo, sonke isikhathi, kukhona okungalungile. Niyabo? Kukhona—kukhona okungalungile, ngoba kunomehluko omningi kakhulu eminyakeni yabo. Ungacabanga, ugogo unesaka likaswidi ndawana-thize, engabeka isandla sayo kulo. Futhi usisi omncane, lawo mehlo amakhulu abhanyazela isaka likaswidi. Ngoba, ngokuhlanganyela, ayikho into abangakhuluma ngayo, akukho

lutho ngaphandle kokuthi angamtotosa futhi amtotose. Kodwa kungaleyondlela, futhi siyajabula ukuthi nje kungaleyondlela.

15 Futhi khona-ke ngenza lesositatimende, ngake ngasenza kanye, ekushumayeleni ngewundlu nejuba. Niyabo, zinezinto ezifanayo. Zingakhuluma ngezinto.

16 IMasonic, iMasonic Lodge, banezinto abangakhuluma ngazo, abafowethu baseMasons Lodge; abafowethu base-Odd Fellows Lodge. AmaJalimane linezinto, akhuluma ngazo, ngeJalimane, ngendawo yasekhaya, lapho amaJalimane ehlangana ngapha, elilodwa nje liyafika livela endaweni yasekhaya. AmaNtaliyane anezinto angakhuluma ngazo.

17 Futhi amaKristu anezinto angakhuluma ngazo. Yingakho sihlangana ezindaweni ezinjengalezi, ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, ngoba siyizakhamizi zeZwe elifanayo. Siyizihambi nabafokazi lapha, kulelizwe. Ngakho-ke siyathanda ukuhlangana ndawonye ngalokhu ukusa kwesabatha nezikhathi zemihlangano yomkhuleko, ukubuthana ndawonye, ngoba sinezinto esihlanganyela kuzo. Sithanda ukukhuluma ngokujwayelekile, izinto esihlanganyela kuzo, esizithandayo: iNkosi, ukwenza kwaYo. Othile, enhliziyweni yabo, ivutha ngokuthile, iNkosi ibaphulukisile, futhi bafuna ukuzethula phezulu lapho, "Niyabona ukuthi iNkosi yenzeni!" Othile wemukele isibusiso esikhulu, futhi nje ufuna ukuya esontweni, ukuhlanganyela lezizibusiso nomunye umuntu. Niyabo, yingakho sinezinto ngokuhlanganyela.

18 Kubonakala sengathi kimi imisindo ingcono esontweni, kulokhukusa. Kubonakala sengathi kimi. Anginaqiniso. Kukhona ukuwawaza okuningi phakathi lapha.

19 Kodwa ngijabule kakhulu ngemiphumela yemvuselelo yangeviki eledlule. Niyabo? Ayinikezanga kuphela ukushukuma kwalendawo, kodwa nxazonke, amazwe ahlukene, sizwile ngayo, ukuthi iNkosi ibeyinhle. Manje, uma nje kungukushisa amabhuloho amadala, ukwenza izinto zilungele, nokungena eNkosini, ukulungiselela ukwemukela izibusiso; uma lesosikhathi esincane sikwenzile lokho, bekungaba njani uma siqhubekele phambili na? Niyabo? Ngakho-ke, masingayiyeki ife. Asiqhubeke nje sithele kokuningi okuphathekayo, ngasosonke isikhathi, kuze kuthi iziboniso zentuthu zizobonakala ezweni jikelele, ukuthi uJesu Kristu uyaphila, futhi kukhona umlilo ovuthayo ezinhliziyweni zethu.

20 Ngemuva kokuba ngenze ukuzinikela okusha, mina uqobo, nomkami, nokunye nokunye, siqaphele izinto ngokwehlukile kakhulu ngasekhaya. Futhi kungesikho ukuba novalo njengoba besinjalo, siqhaqhazela futhi sigxuma, "Angeke sikuthole *lokhu*, futhi angeke sikuthole *lokho*." Sivele sihambe nje kukho ngokuthula nje, futhi sithole ukwenza okuningi.

21 Ngakho-ke, manje, kukhona unyaka omusha ozayo. Futhi asikholelwa ekuphenyeni amakhasi amasha, siyakholelwa nje ekushiseni amadala. Ngakho vele uzigcine uzehlukanisele uNkulunkulu kulonyaka ozayo, asazi ukuthi iNkosi izosenzelani.

22 Kodwa sinokuthokoza ngani nonke. Ngibonga kakhulu kuNkulunkulu ngalolonke ilungu loMzimba kaKristu, yonke indawo. Futhi kuzo zonke izigaba ezahlukahlukene zokukholwa, kungakhathaleki ukuthi bangahle baphikisane nami kaningi kangakanani, ngisalokhu nginokubonga ukuthi umuntu othile. . . Ngisho uma bengingacabanga ukuthi bekungaba nephutha elincane, emBhalweni, kepha nokho ukuzama ukuma ngobuqotho kulokho abakukholwayo. Ngizimisele impela ukubekezela nalabo bazalwane, nabo bangibekezelele emaphutheni ami nezinto, ngoba akekho kithi ophelele.

23 Kodwa eMlayezweni ngokunye ukuhlwa, ngenkathi ngikhulume ngoNkulunkulu ezahlukanisa Yena ePhentekoste, emgamanxweni wesikhathi, noma enkomfeni lapho okwakudingeka kwenziwe isinqumo, "Hlobo luni lweBandla leliBandla elisha lamaKristu elizoba yiyo na?" Ibanjelwa lokho-ke inkomfa. Futhi siyathola ukuthi eNcwadini yeZenzo, isahluko 2, sithola uhlobo lweBandla okwanqunywa ngalo; hlobo luni lweBandla, beliyoba yini iBandla, bekuyoba yini ukuziphatha kweBandla lapho selamukele uKristu. Ngiyakuthanda lokho. Futhi ngishisekele ukulwela leloBandla elasungulwa ngoSuku lwePhentekoste. Manje, Laliyinqaba ngaleyonkathi, Liyinqaba manje. Futhi Liyoba njalo, inqobo nje uma kusenesono emhlabeni, nempi ukuba ilwiwe, kuzoba yinqaba ezitheni zethu, kepha nokho kuyizinto eziyigugu zikaNkulunkulu esishisekele ukuzilwela lezo uNkulunkulu azosenzela zona.

24 Manje, izimemezelo, ngicabanga ukuthi uMfowethu Neville usevele uzenzile.

25 Futhi njengoba ngisekhaya kuleliviki, ukukhuleka nokufunisisa ubuso beNkosi. Ngokuba, kulonyaka ozayo, ngosizo lukaNkulunkulu, uma kuphela ezongisiza, ngifuna ukucindezela impi kakhundlwana kunoma ngake ngenza empilweni yami yonke. Futhi mhlawumpe intengo enkulu kulonyaka izosetshenziswa emasimini akwamanye amazwe, nawaseHaiti, naseziqhingini, naseNingizimu Melika, nase-Afrika, nase-Eshiya, naseNdiya, na—naphezulu eScandinavia. Futhi konke lokho kuzofanele kunqunywe kuleliviki, uma iNkosi izokuvumela. Ngakho-ke lapho ngizizwa ngiholeleka ukwenza noma yini noma ngiye noma yikuphi, iNkosi yangithuma ukuba ngenze njalo.

26 Khona-ke lapho ngehla endizeni, emhlabathini, futhi kubonakala sengathi lapha kufika oyedwa, futhi wathi, "O, *leli*hlelo elithile liyekile, *leli* lenze lokhu, noma *leli* lihambe

kabi, noma besingeke sikwenze *lokhu*, noma ophethe amandla uthi angeke sibe nomhlangano."

27 Khona-ke ngithanda ukuma, "Kodwa ngiza ngeGama leNkosi." Futhi ngiyazi ukuthi lowo ngudeveli, ngaleyonkathi. Niyabo, akusikho, "Ngabe ngenze iphutha na?" Ngiyaholwa. Khona-ke ungama namahlombe akho esondweni, futhi ucindezele impi.

28 Manje, ngaphambi kokuba sivule iNcwadi, noma ukucela uNkulunkulu ukuba Ayivule njengoba siYifunda, ngithanda ukusho isizathu sokuthi ngiletha lo Mlayezo ebandleni kulokhukusa. NguMlayezo wami kaKhisimusi oya ebandleni. Kuyi. . .uma uMoya oNgcwele uzongisiza ukwethula lokho engikukholwayo ngakho. Manje, akunandaba ukuthi kulotshwe kahle kanjani emiBhalweni, nokuthi umuntu ukuqonda kakhulu kangakanani, bazofanele nokho bathembele kuMoya oNgcwele ukuba ukwethule kubantu. Futhi kungemva nje kukaKhisimusi, lapho usuzwe zonke izindaba ezahlukahlukene zikaKhisimusi noku—ukusakazwa, nokunye nokunye, kwemilayezo kaKhisimusi. Lena kuzoba ngehlukile kancane, okwendaba kaKhisimusi, kepha nokho uNkulunkulu uyibekile enhliziyweni yami.

29 Futhi manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, eBukhoneni baKhe namathunzi obulungiswa baKhe, ukucela umusa.

30 O Nkulunkulu, Msindisi wethu oBusisiwe noBaba, sisondela esiHlalweni saKho sobukhosi somusa. EGameni leNkosi uJesu, iNdodana yaKho, siyazethula ngokuzithoba kulokhukusa, ukunikela kuWe imikhuleko yethu nokubonga kwethu, ngakho konke Osenzele khona. Kuleliviki eledlule, ikakhulukazi, ukuthi izinhliziyo ziye zalamba kanjani, nabantu bazile ukudla, futhi uMoya oNgcwele ubabusisile, wenze izinto ezinkulu phakathi kwethu! Abagulayo baphilisiwe. Futhi uNkulunkulu wazisiwe, ukuthi Uyaphila, futhi Uyabathanda abantu baKhe.

31 Futhi ukuthi amaZwi asalokhu eyiqiniso impela, omprofethi, lapho ekhuluma amaZwi eNkosi uNkulunkulu, ngenkathi ethi, "Uma abantu ababizwa ngeGama laMi beyobuthana ndawonye, futhi bakhuleke, khona-ke ngiyokuzwa ngiseZulwini." LawomaZwi aqinisile nje njengosuku akhulunywa ngalo okokuqala. Sikuthole kunjalo lokho, Nkosi. Manje sithethelele, siyakhuleka, ngaso sonke isono sethu, konke ukungakholwa kwethu, okuyisono.

32 Futhi siyokhuleka, Nkosi, ukuthi Uzobuyisela kithi lokho kukholwa okwake kwanyakazisa leloBandla lokuqala. Asiceli yona imibhede enezimbali ethokomele, kodwa sicela umusa kuphela kaNkulunkulu, noBukhona baKhe, nezibusiso zaKhe ukuba zihambe nathi. Noma ngabe kukulenkundla noma inkundla ngaphesheya kolwandle, noma ngabe kusekutamaseni,

noma imibhede ethokomele, noma ngabe kukwingaphambili lempi, kungakhathaleki ukuthi kungahle kube kuphi, Nkosi, intando yaKho encane kunazo zonke iyisifiso sethu esikhulu kakhulu sokukhonza Wena. Vele nje ukwenze kucace kithi, O Nkosi, ukuthi angeke siyigeje indlela, ngokuba sihamba ezweni elimnyama neliphuphuthekile, phakathi kwabantu abanesono abaphuphuthekile. Ngakho-ke, hlanza indlela yethu, Baba, futhi sihole njengoba Ubungenza, izimvu zedlelo laKho.

33 Makuthi uMelusi wezimvu womhlambi ngobumnandi nangokuzithoba ahole abantu baKhe, njengoba silindele Wena kulokhukusa ngoMlayezo wasekuseni. Kwangathi uMoya oNgcwele ungakhuluma ngokusobala enhliziyweni ngayinye futhi kwangathi singathi shazi lokho umprofethi ayekhuluma ngakho, futhi kulokho, khona-ke, sibe nezibusiso ezikhazimulayo zoBukhona bukaNkulunkulu, ukuqinisa lonke iZwi. Sikucela eGameni likaJesu, iNdodana yaKho, uMsindisi wethu. Amen.

34 Ngizocela izethameli zethu kulokhukusa, labo abanamaBhayibheli, uma bengafisa ukufunda kanye nami, imiBhalo, noma ukungilandela njengoba ngifunda, uma nizophenya eNcwadini ka-Isaya. Umprofethi u-Isaya, nesahluko 7, ngingathanda ukufunda engxenyeni yalomBhalo. Ku-Isaya, isahluko 7, sizoqala ngengxoxo kaNkulunkulu ku-Ahazi, evesini le-10.

> *Ngaphezu kwalokho iNkosi yaqhubeka ukukhuluma ku-Ahazi, yathi,*
>
> *Zicelele isibonakaliso eNkosini uNkulunkulu wakho; kucele ekujuleni, noma* ekuphakameni *phezulu.*
>
> *Kepha u-Ahazi wathi, Angiyikucela, futhi angiyikulinga iNkosi.*
>
> *Wayesethi, Ake uzwe. . . O wenandlu kaDavide; Kuncane kuwe ukukhathaza abantu, ukuze* u*mkhathaze noNkulunkulu wami futhi na?*
>
> *Ngalokho iNkosi uqobo iyakukunika isibonakaliso; Bheka, intombi iyakukhulelwa, izale indodana, futhi . . . bize igama layo ngokuthi u-Imanuweli.*
>
> *Uyakudla amangqanga nezinyosi, aze azi ukwala . . . kubi, nokukheth-. . . akhethe . . . okuhle.*
>
> *Ngoba umntwana engakazi ukwala . . . kubi,* noma *ukukhetha . . . kuhle, izwe okhathazwa ngamakhosi omabili . . . liyakushiywa.*

35 Uma bengingasho indaba ephuma kulokhu, ukudonsa ingqikithi, bengingathanda ukusebenzisa igama: *ISibonakaliso Esikhulu.*

36 Lapho sinobusuku obumnyama kunabo bonke, futhi kubonakala sengathi e. . . ngezinye izikhathi kumnyama

kakhulu kulobubusuku ukuthi asikwazi ngisho ukubona izandla zethu phambi kwethu, kungaleso sikhathi lapho umbani oyizimfologo ukhanya kakhulu kunayo yonke. Uthunyelwe kithi ukukhombisa ukuthi kungaba khona ukukhanya ebumnyameni.

37 Lokhu kwakungesikhathi sokubusa kuka-Ahazi, inkosi embi. Futhi uma niqaphelile, i—iNkosi ayikaze iqondise umlayezo ku-Ahazi, kodwa endlini kaDavide. "Yizwani, O yindlu kaDavide! Lokhu kuyakuba yisibonakaliso." Ngoba, babesempini, abazalwane bemelelene nabazalwane, futhi kwakubonakala kuyihora elimnyama kunawo onke ohambweni luka-Israyeli nohambo oluya endaweni engcwele. Kodwa uNkulunkulu waqhumisa ngaphambili, ngomprofethi, isibonakaliso saPhakade. Manje, izibonakaliso kaningi zi . . .

38 Abantu banezibonakaliso. Futhi siphila ezweni eligcwele izibonakaliso. Umuntu uzamile ukuzuza ngempumelelo isibonakaliso esithize. Umuntu uzamile, ngocwaningo lwakhe lwesayense, ngokwakhe uqobo ukuzuza ngempumelelo, ukwenza isibonakaliso esizogqama, noma isikhumbuzo sokuhlakanipha kwakhe, sokuthi mkhulu kangakanani, noma ungungqondongqondo kangakanani. Ukwenzile lokho phansi kwedlule eminyakeni.

39 Isibonelo nje, lapho ubuhlakani obuphathelene nolwandle bezwe, cishe ngaphansi kweminyaka eyikhulu edlule, banquma ukuthi babehlakaniphe kakhulu ukuthi babenganikeza izwe i—isibonakaliso seqhinga labo elinobuqili, ukuthi babengazakhela umkhumbi ukuthi kwakungeke kube khona igagasi elikhulu ngokwanele ukuwucwilisa. Futhi babiza lomkhumbi othile ngokuthi yiTitanic. Kwakuyisikhumbuzo esihlala isikhathi eside ezweni, ukuthi ubuciko obukhulu bokwakha umkhumbi kwakufike ekupheleleni, ukuthi babengakhombisa umhlaba ukuthi lomkhumbi wawungeke wacwila.

40 Ngakho-ke, ngakho konke ukuphepha phezu kobuhlakani kwabakhi, nezinkulumo zabo nokukhuluma, nobufakazi besayensi bokuthi lo mkhumbi ubungeke wacwila! Khona-ke lapho izinto zethulwa kubantu kanjalo, ba—babonakala sengathi baqinisekile ukuthi yonke into ihamba kahle, inqobo nje uma ucwaningo lwesayensi luthi kulungile.

41 Ngakho-ke babewela ulwandlekazi ngalomkhumbi, ekuhambweni kwawo emanzini, futhi bezizwa bephephe kakhulu ukuthi kwakungekho lutho olwalungabalimaza, babanedili elikhulu labadakiwe. Futhi bonke abesifazane nabesilisa ababegibele, noma, mhlawumbe abaningi babo, ngingahle ngisho, badakwa; ngisho, bathi, ngisho umshayeli womkhumbi nokaputeni, nabo bonke. Futhi amabhendi aqala ukukhala kakhulu ngokukhuphula u—umculo wejezi, owawuyigugu elikhulu ngalolosuku, njengoba sinomculo wokuzibinya namhlanje. Ngoba, babephephile,

babesemkhunjini lowo amadoda ayenikeze umhlaba isibonakaliso sokuhlakanipha kwawo, ukuthi, “Lo mkhumbi ungathatha noma yiliphi igagasi noma yiluphi ulwandle.”

42 Ngenkathi bekulesi sitshulu sabadakiwe, waqonda ngasenkungwini. Futhi omunye wokaputeni washo, ukuthi, “Sifanele sihlole izinjini.” Kodwa lowo onegunya elikhulu wathi, “Unikeni, ‘Uqondiseni phambili!’ Sifanele sibe sechwebeni ukwenza ukubiza okuthile.” Ngenkathi usahlomeka enkungwini, njengokungathi wawungumlawuli wesimo, kungazelelwe, washaya isihosha seqhwa, futhi wahamba washona ngaphansi kwamanzi.

43 Futhi siyatshelwa yimbongi eyabhala iculo, “UNkulunkulu, ngesandla saKhe esinamandla, ukhombisa ukuthi lelizwe angeke lime.”

44 Ukuzuza ngempumelelo kwabo okukhulu kwashona phansi ezinzulwini zolwandle, ngamakhulu aphindwe ngamakhulu abantu abadakiwe abagibele. Akusoze nje kwasebenza.

45 Kwakungu Adolf Hitler ongasekho owanikeza abantu baseJalimane isibonakaliso ukuthi wayeyisihlakaniphi, wayazi konke ngempilo yezempi. Futhi, ngaphandle kokumhlaza, wayazi okuningi ngayo. Kodwa waqinisekisa abantu baseJalimane, ngokwakha lokho esikubiza ngoMugqa iMaginot, noma uMugqa iSiegfried, ukuthi wathela izigidigidikazi zamathani kakhonkolo nensimbi ndawonye. Ekhombisa ukuzethemba kwakhe kukho, ukuthi waqhubela phambili ikomkhulu lakhe emgqeni ongaphambili, lapho izindlu zokudlela nezindawo zamabhizinisi zazisebenza ngaphansi komhlaba, lapho babenezigidigidikazi zamathani ensimbi nosimende. Kungenandaba ukuthi kuyoke kuhambe, iJalimane yaqiniswa. Kwakuyisibonakaliso sokuphepha. Kodwa iblokbhasta yamanje yakuphephethela kwayongena ePhakadeni, noHitler kanye nakho.

46 KwakunguNimrodi, ngelinye ilanga, owathi wayezokwakha umbhoshongo owawuzoletha abantu bakhe, wayengakhombisa ukuthi wayengakuzuza ngobuhlakani bakhe. Futhi wayezokwakha umbhoshongo owawungedlula ngaleya kwamafu, ukuthi, uma ulaka lukaNkulunkulu lungake lufike, angaMedlula ngokuhlakanipha. Ngocwaningo lwakhe lwesayensi, wayengabeka amadwala namatshe ngendlela yokuthi angayisa abantu ekuphepheni, ngobuhlakani bakhe. Kodwa kwalethwa ezeni, ngokudideka kwezilwimi, futhi abakwazanga ngisho ukuqeda umbhoshongo.

47 KwakunguNebukadinesari owakha izindonga zaseBabiloni, futhi khona-ke waqhosha ngazo. Zizinkulu kakhulu, ukuthi, amakhanda ayisithupha amahhashi nezinqola kwakungancintisana ngokuzungeza izindonga. Amasango alo ayemakhulu kakhulu, kwaze kwathi amadoda ajuluka

kwaphuma ukuphila kwawo kuwo, egxisha ithusi emasangweni ayesinda amathani angamakhulu; emzini omkhulu, bathatha isixuku somuntu ukuwashwiba avuleke. Akekho owayengathinta uNebukhadinesari. Kodwa ngobunye ubusuku, esitshulwini sabadakiwe, becabanga ukuthi babephephile ngemuva kwezindonga zabo zesayensi, nezikhali zosuku lwabo, nakho kufika iSandla esiloba odongeni. Futhi kwapheliswa.

48 O, uzame kanjani umuntu ukuthwala umuntu amyise endaweni ephephile, ukuzifuqela yena ekuphepheni, ngezibonakaliso zakhe zokuzuza ngempumelelo. Kubukeka sengathi, ngoba lowo abantu bafuna isibonakaliso, kufanele kube nesizathu esithile saso; okuthile ngaphakathi kumuntu okungabiza isizathu noma isibonakaliso, sisuka ndawo ndawo, ukuthi yena angaphepha.

49 Khona-ke uNkulunkulu wakhuluma kakhulu, wathi, "Ngizobanika isibonakaliso esingunaphakade. Ngizonikeza iBandla isibonakaliso esingunaphakade." Kwakungadingekile ukuba kube udonga olukhulu noma umbhoshongo. Wathi, "Intombi iyokhulelwa, futhi izale iNdodana, futhi babize iGama laYo ngokuthi u 'Imanuweli.' Leso kuzoba isibonakaliso saPhakade sikaNkulunkulu." Silula kanjani! Sincane kanjani!

50 Niyaqonda ukuthi yizinto ezincane eniziyekayo futhi nizishiye, ezisho okukhulu kakhulu kuNkulunkulu na? Ibandla lingakucabanga lokho kulokhukusa na? Ekuzuzeni ngempumelelo kwethu njengenhlangano, nezakhiwo zakhe ezinkulu nobuciko bophisi, sishiya izinto ezincane ezisho okukhulu kakhulu kuNkulunkulu nokuningi kakhulu kwesiphetho sethu saPhakade. Sishiya lezozinto.

51 UNkulunkulu esho, ukuthi, "Ngizoninika isibonakaliso saPhakade. Intombi iyokhulelwa, futhi izale ingane."

52 Kungani, kungani kube ingane, kungani kufanele kube yi—yingane na? UMdali qobo lwaKhe kufanele eze futhi aphile kokudaliweyo kwaKhe, ukuba kube yisibonakaliso kumuntu na? Kungani kwakufanele kube yingane na? Kungani Wayengazange athi, "Ngizokwakha iladi elikhulu, futhi nina nonke... njengephupho likaJakobe. Noma, ngizokwehla ngiphuma eZulwini, ngiphuma emihubheni yaseZulwini, intambo, futhi ngininike amandla, ukuthi, lapho wena uzihhuke wena kuyo, Ngizokuphakamisa"?

53 Kodwa, Uza kalula kakhulu. Futhi wathi, "Ingane izozalwa. Leso kuzoba yisibonakaliso. Ngeke nje kube yisibonakaliso kuphela, kodwa kuzoba yisibonakaliso esikhulu." Ingane! Ngani, ukuhlakanipha kwesayensi kungahleka ebusweni bomcabango onjalo. Kodwa, kuNkulunkulu, kwakuyisibonakaliso esikhulu. "Intombi iyokhulelwa, futhi le ngane iyakuthiwa ngu-*Imanuweli*, okuyothiwa

ngokuhunyushwa, 'UNkulunkulu unathi.'" Leso yisibonakaliso esikhulu.

54 UNkulunkulu waseZulwini, ehlala nabantu, yisibonakaliso esikhulu. Bekungeke kube yisibonakaliso salolosuku kuphela, kodwa nesalolusuku nazozonke izinsuku, ukuthi uNkulunkulu uhlala nabantu baKhe. U-Imanuweli, uNkulunkulu unathi, lesi yisibonakaliso esikhulu. Lesi yisibonakaliso saPhakade, isibonakaliso esingunaphakade, uNkulunkulu asinikeza.

55 Futhi kungani Waba luthuli, lona kanye uthuli lokudaliweyo kwaKhe uQobo na? UMdali waba yilokho, uthuli lokudaliweyo kwaKhe.

56 Umuntu uzama ukwenza into enkulu kakhulu. Kodwa, ngenkathi uNkulunkulu enikeza isibonakaliso, kwakuyinto encane. Umuntu uzama ukusebenzana nezindaba ezinkulu. UNkulunkulu usebenzana nodaba oluncane. Umuntu uzama ukuthi, "Ngoba wonke umuntu uhamba nga*le*ndlela, asenze njengoba benza eHollywood." UNkulunkulu ufuna abancane ngesibalo. Ufuna uku—ukushiya zonke izinto ezinkulu, ukuze amukele okuncane.

57 "Ingane izozalwa, u-Imanuweli omncane uzozalwa." UNkulunkulu wokudaliweyo uba yingxenye yokudaliweyo kwaKhe uQobo. UNkulunkulu, uMdali waMazulu nomhlaba, Owenza uthuli nezihlahla, nazo zonke izinto okungukuthi, uba yingxenye yazo. Lokho kuzoba yisibonakaliso, Uzofika ngendlela ngomuntu.

58 Manje, Wayengafika ngenye indlela. Wayengafika ngendlela yokunye, ye—yezinye izindlela Ayenazo zokuza.

59 Kodwa Wakhetha ukuza ngalendlela, ukunikeza isibonakaliso, isibonakaliso esikhulu. "Intombi iyokhulelwa, izale iNdodana, futhi bayoYibiza ngokuthi u 'Imanuweli.'" Manje, kwakungokwani na? Ngasiphi isizathu na?

60 Kungani Engazange akhethe ukuba yiNgelosi na? Wayengakwenza. Wayengafika e—eyindoda ekhule yavuthwa ngokugcwele. Wayengafika nokubingelela okugcwele okuvela eZulwini, neziNgelosi nazo zonke iziDalwa zaseZulwini; alale phansi evela emihubheni yaseZulwini, iladi legolide, futhi Wayengehlela phansi nebhendi yeziNgelosi. Wayengakwenza.

61 Kodwa Wathi, "Ngizoninika isibonakaliso, isibonakaliso esikhulu, isibonakaliso esingunaphakade. Intombi iyokhulelwa, izale umntwana."

62 Futhi lapho kwakufanele Akhethe indawo lapho lo mntwana ayezozalelwa khona. Wayengehla ngeladi, nakho konke ukubingela kwaseZulwini okugcwele. Wayengehla evela eZulwini njengeNgelosi, noma ehle njengomuntu osekhule ngokugcwele. Kodwa Yena, futhi, wayengafika esigodlweni senkosi.

63 Kodwa Wathi, "Ngizonikeza isibonakaliso." Futhi isibonakaliso satshelwa abelusi bezimvu, "NizoMthola esitebeleni, esongwe ngembeleko." Leso yisibonakaliso esikhulu, sizalwa phezu kwenqwaba yomquba, nephunga elibi lenqolobane, kungekho ngisho izingubo zokuMgqokisa, u-Imanuweli. Udeveli ufuna ukwenza izinto zibe zinkulu futhi zikhanye. UNkulunkulu ugcina izinto zithobekile. Isibonakaliso esikhulu, "Uzothola iNgane isongwe ngembeleko, ilele emkhombeni. Lokhu kuzoba yisibonakaliso, isibonakaliso esikhulu." Ngenkathi Esemhlabeni, Wayempofu kakhulu. Sikhuluma kanjani ngesikhathi esinzima na? Ubani lo Omncanyana na? NguJehova!

64 UJehova uNkulunkulu waba ngumuntu, wathatha ulibo lwethu, waZiwelisa ephuma kuNkulunkulu, futhi uba ngumuntu. Naso isibonakaliso. Uba . . . WayenguNkulunkulu, futhi waba ngumuntu; hhayi umuntu ocebile, kepha umuntu ompofu. Lesi yisibonakaliso esikhulu. "Ucele isibonakaliso," kwasho uNkulunkulu, "Ngizokunika esisodwa, isibonakaliso esingunaphakade."

65 Wayengafika ngenye indlela, njengoba ngishilo, kodwa, ingane, kungani Aba yingane na? Ngenkathi leyo encane yokuqala, umlomo ongenamazinyo uvuleka kulowomkhombe, kulesositebele sokuqala . . . ukusa kokuqala kukaKhisimuzi, esitebeleni somkhombe esincane saKhe, futhi ukukhala okuncane kokuqala okwake kwaphuma ephimbweni laKhe, lowo kwakunguNkulunkulu ekhala. UJehova ekhala, umuntu; uvela kuNkulunkulu, futhi wayengumuntu, konke ukuhlakanipha, umuntu. Akafiki nalutho ezweni, kepha nokho ungumuntu. Yini Ayezama ukuyenza na? Wayehloseni na?

66 Wakhala njengengane, emkhombeni. Wadlala njengomfana, emgwaqeni. Wakhandleka njengomuntu, kodwa nokho Wayengu-Imanuweli. Lesi yisibonakaliso esikhulu. UNkulunkulu ehlala kokudaliweyo Akudalayo. Isibonakaliso esikhulu, "Kuzoba yisibonakaliso kini."

67 Wayempofu kakhulu, ngenkathi Efika emhlabeni, Wafika ngesibeletho esibolekiwe, isibeletho esibolekiwe sowesifazane. Futhi kwadingeka aboleke ithuna, ukuze angcwatshwe kulo. UNkulunkulu! "Intombi iyokhulelwa, ngaphandle kwesisitho socansi." UJehova waboleka isibeletho sikaMariya, owesifazane, ukuze enze umsebenzi wokuthi uzonikeza isibonakaliso esingunaphakade. Futhi wayempofu kakhulu, emhlabeni, emva kweminyaka engamashumi amathathu nantathu nohhafu, yenkonzo, Wadingeka aboleke ithuna ukuze angcwatshwe kulo. Ungathini nje na? Ukukhuluma ngomqondo ongenasisihla, usho ukuthini, empeleni na?

68 Anisiboni isibonakaliso sangempela na? NguJehova eba ngomunye wethu. UJehova uNkulunkulu emhlabeni,

njengomhambuma, isihambi ezweni Alidalayo; wenqatshwa, futhi waphushwa, futhi wahlekwa, futhi wahlekwa usulu; iTshe eliyisikhubekiso kongakholwayo, iDwala lesinengiso; udeveli, ezweni lezenkolo. Kodwa isibonakaliso saPhakade kokholwayo, "uNkulunkulu unathi," isibonakaliso esikhulu. Niyasibona na? UNkulunkulu enziwe wabonakaliswa, uNkulunkulu ezethula Yena ezweni, njengomhambuma. Wayengafika ngenye indlela, kodwa wakhetha ukufika ngalendlela.

Lalelani Lokhu. NingaKugeji.

69 Ngicabanga ukuthi uNkulunkulu wayenakho emqondweni waKhe, kuyohahisa kumuntu. Kunjalo, ekholweni. Kuyahahisa uma uNkulunkulu wethu eba ngomunye wethu. Kodwa, kwabayisitashi, abangamesabi uNkulunkulu, yisikhubekiso. "Ngizoninika isibonakaliso, intombi iyokhulelwa. U-Imanuweli uzoba nani." UNkulunkulu wacabanga ukuthi bekuyohahisa esintwini, ukuthi uNkulunkulu wethu uyoba ngomunye wethu, ukuthi Uyoziwelisa Yena futhi abe uthuli lwethu, ukuthi Uyoba ulibo lwethu, ulibo lomuntu; uMdali Owenza izinto zonke.

Kanti, futhi, kwagcwalisa isiprofetho. Abaprofethi ababesibonile.

70 Futhi enye into, "IZwi lenziwa uthuli, inyama, futhi lakha phakathi kwethu." UJehova, iZwi laba ngumuntu, laba uthuli futhi lahlala etabernakele kanye nathi. Isibonakaliso *esingunaphakade*, "asisoze saphela." O, uma sicabanga ngaso, isibonakaliso saPhakade, izibonakaliso ezinkulu zaso sonke isibonakaliso, uNkulunkulu eba ngomunye wethu.

71 Khona-ke, futhi, Ufanele abe yiNzalo ka-Abrahama. U-Abrahama, kusobala, wayeyinzalo ka-Eva. UEva . . . "WayeyiNzalo yowesifazane eyayizolimaza ikhanda lenyoka." Kodwa, u-Abrahama, uma ningakubamba, wayenokukholwa kuNkulunkulu, okwahlanganisa uMoya kaNkulunkulu nenyama yomuntu. Yilapho ukukholwa kuza khona. Yilapho Ayengaba yiNzalo ka-Abrahama, hhayi yonke inyama, kodwa ukuhlanganiswa koMoya nenyama ndawonye. UNkulunkulu, ezenza Yena . . . edwengula, ekhipha bonke ububi, engenisa ekuthobeleni inyama, uthuli Aludalayo, futhi uhlala nawe njengo—ngophathini.

72 Enye into, Akazange angcolise noma aphikisane nanoma yimiphi yemithetho yaKhe. Angeke akwenze lokho. Ngakho, "Intombi. Ngizoninika isibonakaliso." Hhayi iTitanic, hhayi i-U.N., kodwa, "Ngizoninikeza isibonakaliso sokuphepha. Intombi iyokhulelwa, futhi iyozala iNdodana, futhi Ibizwe ngo 'Imanuweli.'" Leso yisibonakaliso. Yebo.

73 Niyabo, emithethweni kaNkulunkulu yokuhlengwa, njengoba kwakunjalo ngoBowazi noNawomi, kwakufanele kube yisihlobo esiseduze somndeni. Futhi indlela kuphela umuntu ayengahlengwa ngayo, uNkulunkulu kwakufanele abe yisihlobo

somndeni, esiseduze. Ngifuna nikubone. Akaze abe yisihlobo esisondele, ngokuphelele, kwabacebile, kwabanamandla. Kodwa Wazalelwa esitebeleni, esongwe ngembeleko; hhayi kumuntu omdala, kodwa emntwaneni. WayenguNkulunkulu phezu kokudaliweyo. Wakhetha ukukwenza, hhayi ukufika kumuntu okhule ngokugcwele. Wafika ukuze Akwazi ukuzwa imizwa yezingane ezincane. Wafika ukuze Ahambe edlule ekulingweni kwebhungu netshitshi. Ukuze ahambe, ukuthi Wayengashikashikeka emishikashikeni nezingibe zikadeveli, njengomuntu, futhi enzele abantu indlela bayoyonke iminyaka, bayoyonke iminyaka nabawo onke amazinga: abampofu, abacebile, bonke. Waba mpofu, ukuthi, ngokuhlupheka kwakhe, singaba abacebile nezindlalifa kanye naYe eMbusweni. Isibonakaliso sasizonikezwa, eziwelisa Yena, ezenza Yena okuthile okwehlukile kunalokho Ayeyikho; manje isibonakaliso esikhulu, ekhala njengengane, edlala njengomfana, eshikashikeka njengomuntu, kodwa kwakunguNkulunkulu ephila zonke izigaba zempilo njengoba senza.

74 Niyazi, uNkulunkulu ukunikeza izibonakaliso eziningi ukuthi WayenguNkulunkulu. Wanikeza isibonakaliso ezweni lasemandulo ngaphambi kukazamcolo, ukuthi WayenguNkulunkulu, uNkulunkulu wokwahlulela. Waminzisa abantu ngezinsuku zikaNowa, futhi wantantisa abalungile emkhunjini; isibonakaliso sokuthi Wayelungile, futhi ukwahlulela kwakuqinisile. Leso yisibonakaliso, sokuthi sonke isoni esingaphendukile sizobhubha ekwahlulelweni, ukuthi abalungileyo bayakusindiswa ngomusa kaNkulunkulu.

75 Wanikeza esinye isibonakaliso esihlahleni esivuthayo. Kwakuyini ngenkathi Ebambe umprofethi waKhe owayebaleka, “Ngikuzwile ukukhala kwabantu baMi, futhi Ngisikhumbulile isivumelwano saMi”? Wanikeza esinye isibonakaliso lapho, ukuthi WayenguNkulunkulu ogcina isivumelwano, ukuthi Wayekhumbule konke Ayekushilo, sonke isithembiso Ayesenzile. Wanikeza isibonakaliso esihlahleni esivuthayo, “Futhi Ngehlele ukubakhulula.”

76 Buka uNkulunkulu ezindleleni zaKhe zomsebenzi. Ngenkathi edala amaZulu nomhlaba, Wabizela iziNgelosi ndawonye, futhi Wathi, “Ase.” Yonke indawo emBhalweni lapho Enza noma yini, ikakhulu, “AkusiMina, kodwa uBaba waMi.”

77 Kodwa lapho sekufika ecebweni lokuhlengwa, Weza yedwa. Akekho owayenaYe. NguYe kuphela Owayengeza. INgelosi yayingeke ikwenze. Omunye umuntu, obizwa ngendodana yaKhe, wayengeke akwenze. Omunye wayebize enye into, intombi engcwele, noma umama ongcwele, noma—noma ongcwele othile, wayengeke akwenze. UNkulunkulu wadingeka eze! “Futhi ngizoninika isibonakaliso. Intombi iyokhulelwa;

futhi ingane iyozalwa, futhi Izoba ngu-Imanuweli, uNkulunkulu unathi," isibonakaliso esikhulu. UNkulunkulu kubantu baKhe. UNkulunkulu nabantu baKhe. UNkulunkulu uba ngabantu baKhe. UNkulunkulu nomuntu baba munye. Isibonakaliso! Isikhubekiso ezweni, kodwa ithemba elibusisiwe kokholwayo. Isibonakaliso okuyokhulunywa kabi ngaso.

78 Wayenesinye isikhathi Afakazisa ngaso. Wafakazisa kuzamcolo ukuthi WayenguNkulunkulu wokwahlulela, noNkulunkulu onomusa kulabo abagcina iMiyalo yaKhe.

79 Wakhombisa esihlahleni esivuthayo, ngesibonakaliso, ukuthi Uyosigcina sonke isithembiso Asenza.

80 Futhi oLwandle oluBomvu, Wakhombisa ukuthi Uzokwenza indlela yalabo ababezama ukwenza okulungile futhi balandele uMyalo waKhe. Akunandaba ukuthi yini okukunqumayo, uNkulunkulu wafakazisa oLwandle oluBomvu, futhi wanikeza isibonakaliso, ukuthi Wayengaluvula ulwandle. Kukho konke ukulingwa, Uzoyenza indlela yokuphunyuka. Uthi, "Umama akaKukholwa. Ubabayi akaKukholwa. Ibandla aliKukholwa." Angikhathali ukuthi obani abangaKukholwa. Uma uKukholwa, uNkulunkulu uzoyenza indlela yokuphunyuka. Wanikeza isibonakaliso sokuthi Wayezokwenza. Babesendleleni yabo, beqonde ezweni lesithembiso, lapho uNkulunkulu ayethembise khona. Futhi uLwandle oluBomvu lwabavalela, futhi bangena enkingeni. Abazanga ukuthi benzeni. UNkulunkulu wakhombisa ukuthi Uzoyenza indlela yokuphunyuka kukho konke ukulingwa, sonke isilingo. Awukwazi ukuyeka ukubhema na? Thatha uNkulunkulu kanye. Awukwazi ukuyeka ukuqamba amanga, awukwazi ukuyeka ukweba, awukwazi ukuyeka ukuba nolaka na? Hamba noNkulunkulu kanye. Uma ungezwa kuthi yana esontweni, futhi awukwazi ukufika ndawo; hamba noNkulunkulu kanye, thatha isithembiso saKhe. Wafakazisa, oLwandle oluBomvu, ukuthi Uzoyenza indlela yokuphunyuka. UNkulunkulu unikeze isibonakaliso esiningi.

81 Ngalobobusuku lapho Wayethe kubelusi bezimvu, "Yehlelani eBetlehema, ngokuba ngalolusuku kuzelwe uKristu uMsindisi. UKristu, uNkulunkulu ogcotshiweyo, kulolusuku uzalwa ngowesifazane." UNkulunkulu!

82 Hhayi ukumenza unkulunkulu, manje. Wavele nje waboleka isibeletho sowesifazane, ngokufanayo njengoba Eboleka *lo* mzimba ukushumayela iVangeli kuwo. Ngokufanayo njengoba Eboleka umzimba wakho, ukwenza umsebenzi Afuna ukuwenza ngawe, ngoba Usenguye u-Imanuweli, isibonakaliso, uNkulunkulu nabantu baKhe. UNkulunkulu ehlala phakathi kwabantu baKhe, esikhulu, isibonakaliso esingunaphakade. Akusoze kwehluleka. Kuyohlala njalo kuyisibonakaliso.

83 Ukhuluma ngalezizibonakaliso, kuthiwani ngalesi na? Ngaphambi kokuthi uthole noma yisiphi esinye isibonakaliso,

isibonakaliso sokukhuluma ngolwimi, isibonakaliso sokuprofetha, isibonakaliso sanoma yini engaphezu kwemvelo, uzofanele ubuyele emuva esibonakalisweni sasekuqaleni, isibonakaliso saPhakade nesingunaphakade. Kuthole ngokuqondile, kwasekuqaleni nje, futhi ngaphezu kwalesosisekelo, okuyiDwala kuyo yonke iminyaka, futhi akukho lutho oluyoke kusithinte. Amasango aseHayidese ayomelana naso, kodwa awayikusahlula. Thola lesosibonakaliso, "Intombi iyokhulelwa, futhi izale iNdodana."

84 Futhi Watshela lababelusi bezimvu, "Nakhu ukuthi nizoMthola kanjani. Uzobe esemkhombeni, enqolobaneni, esongwe ngembeleko. Futhi lapho niMbuka, kholwani, ngokuba unguNkulunkulu phakathi kwethu."

85 Leso sibonakaliso kwakungesiso esabelusi bezimvu kuphela. Kodwa sanikezwa lonke izwe, ukuMbuka futhi ubone ukuthi Ungubani. NguNkulunkulu enathi, u-Imanuweli.

86 Ngenkathi Wayelapha emhlabeni, Wafakazisa ukuthi WayenguNkulunkulu. Wafakaziswa ukuthi uNkulunkulu wayekuYe, ngoba izibonakaliso zikaNkulunkulu zaMlandela. Wathi, "Uma Ngingayenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke niNgangikholwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, uma niNgangikholwa, kholwani yimisebenzi, isibonakaliso." U-Imanuweli! "Mina noBaba waMi simunye. UBaba uNgithumile. Futhi njengoba ENgithuma, kanjalo naMi ngiyanithuma. UBaba, waNgithuma, unaMi. UkiMi futhi enza imisebenzi yaKhe. NguNkulunkulu enyameni."

87 Ngabe uLoti akazange akunambithe lokho ngaphambi kokubhujiswa na? Ngenkathi, ebone uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, edla inkonyane, ephuza ubisi lwenkomazi, edla isinkwa esivela eziko, futhi wama efulathele ithende ngomhlane waKhe, futhi nesabizwana somuntu "Mina." "Mina, ngibona ukuthi u-Abrahama uyindlalifa yomhlaba, Mina . . . " Ngamanye amazwi, "Ngizomazisa khona."

88 WayenguBani na? Khona-ke Wathi, "Abrahama, uphi umkakho, uSara na?" Kwamethusa. UNkulunkulu, ekufanekisweni ngaphambili kukaKristu, wenziwa inyama.

Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

USara wahleka. Futhi Wathi, "Uhlekeleni uSara na?"

89 Ngenkathi u-Imanuweli efika ngokwedlula esibelethweni sowesifazane, esikhundleni sokubonakala njengomzimbamoya, Wathi, "Njengoba kwakunjalo ezinsukwini zikaLoti, kuyobanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

90 Ngenkathi Esemhlabeni, labo baphostoli baphuma neVangeli, ukuthi ngisho iziNgelosi zabuka ngale ezibambelelweni zasesitezi zaseZulwini, imihumbe yaseZweni leNkazimulo, ukubuka kuLo. Nina enibhala phansi umBhalo,

njengoba nginibona nibhala, kuThimothewu wokuQala 3:16. "Kuvunyiwe ukuthi inkulu imfihlakalo yokukhonza: ngokuba uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, wakholeka ezweni, wabonwa yiziNgelosi." IziNgelosi zaphakama zabuka uNkulunkulu. Zake zavayizelisa izinduku zazo phambi kwaKhe, zimemeza, "ingcwele, ingcwele, ingcwele," ngenkathi Wayehlezi Lapho, njengeNsika yoMlilo, ezinkazimulweni zaseZulwini. Futhi lapho eba ngumuntu, iziNgelosi ziyafika futhi zabuka ngaleya ukuMbona, uJehova, enziwe inyama. Impela, "Kuvunyiwe ukuthi inkulu imfihlakalo yokukhonza."

91 "Ngizoninika isibonakaliso esingunaphakade," ngokuba uNkulunkulu wenziwa inyama phakathi kwethu. Wahlala enyameni. Kuyoba yisibonakaliso esingunaphakade. Hhayi kuphela kubelusi bezimvu ukuba babuke futhi bakholwe, kodwa okwenu Tabernakele likaBranham, nokwalelizwe elinonya, ukukholwa ukuthi lokho nguNkulunkulu. UNkulunkulu wanikeza leso sibonakaliso. UJesu wathi, "Njengoba uBaba ophilayo eNgithumile, futhi ufika naMi, futhi wayekiMi; ngakho Ngiyanithuma, uBaba ophilayo uzofanele ahambe nani futhi abe kini, isibonakaliso esingunaphakade. Lezi zibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Bhekani, Ngizakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Ngizoba nani. Ekupheleni kwezwe, ngizoba lapho nani."

92 Othile, njengoba ngishilo phambilini, ufuna ukuMenza omncane, uNkulunkulu omfishane. Wayengumuntu; uNkulunkulu wayesebenzisa umuntu. UNkulunkulu wayesebenzisa inyama leyo Ayidalayo, Yena, ukuze adale ngaYe, "Nokuletha ngaYe amadodana amaningi," kusho umBhalo, "ngaleyo Ndodana elalelayo. Ngendodana eyodwa, bonke bawa. NgeNdodana elalelayo, bonke bayakuphila, abakholwayo."

"UNkulunkulu unathi," isibonakaliso, kwashiwo ukuthi siyoba yisibonakaliso. Wayekuthanda kakhulu ukubhekisa kuYe njenge "Ndodana yomuntu," umuntu qobo lwaKhe, umuntu nje. "Angiyilutho; iNdodana ingenze lutho ngokwaYo." Kodwa uYise owayekuYo, u-Imanuweli, uNkulunkulu.

93 I—ingane, uNkulunkulu, uJehova uNkulunkulu. Leyongane encane yakhala, lowo kwakunguJehova. Niyakubona na? UNkulunkulu ehlala enganeni.

94 UNkulunkulu ephila ebhungwini. Hlobo luni lwebhungu Ayeyilo na? Wabeka isibonelo. Ngenkathi Elahlwe nguyise waKhe nonina waKhe, bacinga ukuba baMthole, futhi baMthola ethempelini. Wathini, njengebhungu na? "Anazi yini? Anazi ukuthi bengifanele ngibe kokuBaba waMi na?" Isibonelo emabhungwini namatshitshi.

95 Njengomuntu, nabo bonke ubukhosi bezwe bunikelwe kuYe, yonke into ilele ngqo ezandleni zaKhe, ukuba abe ngomkhulu kunabo bonke abantu, ocebe kunabo bonke

abantu; Owayengatshela abantu ukuthi ikuphi inhlanzi eyayinohlamvu lwemali emlonyeni wayo, wayengaphampa amanzi amahle awedlula onke emithonjeni futhi awaphendule abe yiwayini, lokho kungaguqula noma yini Afisa ukuyiguqula; lokho kungathatha amabhisikidi amahlanu futhi wapha izinkulungwane ezinhlanu. Ngamandla ezandleni zaKhe ukuba abe umuntu omkhulu, kodwa nokho wakhetha ukuba mpofu. Wayengenalo ngisho ithuna ngenkathi Esefile. Wadingeka aliboleke. "U-Imanuweli, lokhu kuzoba yisibonakaliso." UNkulunkulu Ufika kanjani na? Kwabampofu. UNkulunkulu usebenzana kanjani na? Kuyoba yisibonakaliso esingunaphakade, nabampofu, abangafundile.

96 "Isibonakaliso," kwasho umprofethikazi omkhulu, u-Ana, ngenkathi uSimeyoni ephakamise izandla zakhe ethempelini, futhi ephethe Lowo omncane ngembeleko. U-Ana uthi, "Yisibonakaliso okuyokhulunywa kabi ngaso, ngokuwa kuka-Israyeli, kodwa ukubuthana ndawonye futhi, futhi, ukuKhanya kwabeZizwe."

97 Ini? "UNkulunkulu unathi," hhayi ekucebeni nokuqhosha, kodwa ebumpofini. Wazalelwa esitebeleni, "UNkulunkulu unathi." Hlobo luni lwezinto Azenza na? Bukani izinto zaKhe Azisho. Mbukeni, ukuthi Wathini.

98 Ngokuba, uNkulunkulu uqobo lwaKhe wathi, "Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo, Yizweni. Lo uyiNdodana yaMi Engithokozile ukuhlala kuyo. Yizweni." Wathi, "Ngiyoba nani njalo, kuze kube sekupheleni."

99 Wathumela abaphostoli baKhe. Bashise umhlaba, ezinsukwini zabo, njengoba uNkulunkulu emunye nomuntu. Babhaphathiza abantu eGameni lalowoNkulunkulu, uJesu Kristu. Babehlala eduze kakhulu naYe waze Wazibonakalisa ngabo, ngezibonakaliso nezimangaliso neziphiwo zikaMoya oNgcwele. "UNkulunkulu unathi." Bashumayela ukuthi kwakukhona oyedwa oqinisile noNkulunkulu ophilayo.

100 Umuntu wakhe zonke izinhlobo zemibhoshongo konkulunkulu abathathu noma abane, noma onkulunkulu ababili, kodwa kukhona uNkulunkulu oyedwa. Lowo Mlayezo wawuzovuselelwa osukwini lokugcina.

101 Kungcono nigqoke ukucabanga kwenu manje, vulani izinhliziyo zenu. Celani uNkulunkulu anembulele lokhu, engilungiselela ukukusho.

Ngenkathi Efika, Wagcwalisa okwashiwo ngumprofethi.

102 Futhi lapho Efika ezinsukwini zokugcina, ezimvuleni zakamuva zikaNkulunkulu, lapho imvula yokuqala neyakamuva iyothululwa, Ufika ngayo impela nje indlela okwaprofethwa ngayo ngaYe. "Kuyakuba ngukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Yini eyayizokwenza na? U-Imanuweli, iNdodana efanayo,

ukuKhanya okufanayo, uNkulunkulu ofanayo ofikayo ukuzohlala enyameni, nabantu baKhe ngoSuku lwePhentekoste, uzoza ngendlela efanayo ezinsukwini sokugcina, ngokuba kuyakuba ukuKhanya kwakusihlwa. Kuyini na? Kuyoba khona isibonakaliso, isibonakaliso esingunaphakade: uNkulunkulu unathi, uNkulunkulu ukithi, uNkulunkulu ngathi. Umuntu noNkulunkulu baba munye. UJesu wafa, ukuze Asinikeze lokho kuphila okuyigugu, esinqumweni saKhe. (EMlayezweni wangeSonto eledlule.) Ngoba, Wanikela ngakho kwaba yisinqumo, ukuthi Angaletha amadodana amaningi kuNkulunkulu. U-Imanuweli unathi. Abantu bokuKhanya kwakusihlwa, bekuyobaheha.

103 Ngenkathi uNkulunkulu enikeza isibonakaliso, "Lokhu kuzoba yisibonakaliso. UNkulunkulu uzobe ehlala enyameni." Wacabanga ukuthi lokho kwakungaheha abantu. Kwakwenza. "Abaningi abaMemukela, Wabanika aMandla ukuba babe amadodana kaNkulunkulu."

104 Futhi bekufanele kuhehe abantu bokuKhanya kwakusihlwa lapho lokho kuKhanya okufanayo kwakhombisa. UNkulunkulu noKristu bamunye. UPetru wathi, "Makwazeke kini, ukuthi uNkulunkulu umenzile loJesu ofanayo, enaMbethela, kokubili iNkosi noKristu." Isibonakaliso, okwakhulunywa kabi ngaso, kodwa iziNkanyiso zakusihlwa zilapha.

105 Njengomfundisi weVangeli ongasekho, ngenkathi umlayezo wepentecostal kuqala uqala ukuwa, uDkt. Haywood ongasekho, ngaphambi nje. . . Yena, ngiyacabanga, akazange. . . Mhlawumbe ngenkathi wayekokwakhe okwedlula konke, ngelinye ilanga ngenkathi uMoya wawumshayile. Wayeyimbongi, ngaphandle komshumayeli. Wadumela ipeni lakhe wayiloba.

> Kuyobakhona ukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa,
> Indlela yenkazimulo impela niyoyifumana;
> Endleleni yamanzi ngukuKhanya namuhla,
> Ningcwatshwe eGameni likaJesu eliligugu.
> Bancane nabadala, phendukani ezonweni zenu zonke,
> Futhi uMoya oNgcwele impela uyongena phakathi;
> Ngokuba iziNkanyiso zakusihlwa sezifikile,
> Kuyisiminya ukuthi uNkulunkulu noKristu bamunye.

106 IziNkanyiso zakusihlwa! Uma sihamba ekuKhanyeni kwakusihlwa, isibonakaliso sakusihlwa, khona-ke kwakuzoba ngukuKhanya okufanayo nesibonakaliso esifanayo, isibonakaliso saPhakade. Khona-ke izibonakaliso ezifanayo zizolandela ukuKhanya kwakusihlwa. Whewu!

NiyaKubona na? NiyaKuqonda na? Lowo nguMyalezo kuloKhisimuzi. IziNkanyiso zakusihlwa, izibonakaliso zikaMesiya ziWuphelekezela, ziphelekezela uMlayezo. IziNkanyiso zakusihlwa zilapha.

107 Kukhulunywa kabi ngakho. Bazokwenqaba, abafowenu. Ubani owaMenqabayo na? Abafowabo. Babethanda ukuMbona enza izimangaliso. Kodwa lapho kufika eKalvari, babekuphi bonke na? Lapho kufika kulowo mzuzu obucayi, lapho uNkulunkulu eQinisweni laKhe neBhayibheli laKhe lizofanele lenziwe libonakaliswe, bakuphi na? Bahlehla.

108 "Kuyobakhona isibonakaliso eniyonikwa sona. Futhi lezizibonakaliso ziyakulandela. Imisebenzi eNgiyenzayo, nani niyakuyenza; nemikhulu kunalo niyakuyenza, ngokuba ngiya kuBaba waMi."

109 "Kuyoba ngukuKhanya ngesikhathi sakusihlwa." O, lolusuku olumnyama esedlule kulo! Kodwa iminyaka engamashumi amane amafu kade ebuyela emuva, ngeguquko yokuqala, yokuletha ngaphambili uMlayezo ukuthi uNkulunkulu noKristu bamunye, ukuthi uNkulunkulu wabonakaliswa enyameni. Wakhetha ukuhlala enyameni yomuntu. Futhi namhlanje baMenza okuthize okuhlezi esihlalweni sobukhosi, baMenza okuthize kwangaphambi komlando, abanye babo ufuna ukuMbuyisela emuva kwisazi zezimfihlo zokudabuka kwezinto, abanye ufuna ukuMenza umprofethi. Kodwa, mfowethu, UnguNkulunkulu kuwe, uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. Kanjani na?

110 Babazi kanjani ukuthi WayenguNkulunkulu enyameni na? Wathi, "Uma ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke nginitshele okungalungile. Kepha uma ngenza imisebenzi kaBaba waMi, ikholweni."

111 Futhi manje into efanayo. UMlayezo uvuselelwe futhi ezinsukwini zokugcina, uMlayezo wokuthi UnguBani, ukuthi Uyini. U-Imanuweli ehlala kuwe, ngemisebenzi efanayo naleyo Ayenzayo, ezibonakalisa Yena ngawe, zona kanye izinto ezifanayo Azenzayo. KunguKhanya kwakusihlwa. Kukhulunywa kabi ngakho. Kuyindlela enzima.

112 Kwasho okuthile kumbusi osemncane ocebile, nokho inhliziyo yakhe ilambili, ukuza kuJesu, futhi wathi, "Rabi, ngifanele ngenzenjani ukuba ngibe nokuPhila okuPhakade na?"

Wathi, "Gcina iMiyalo."

Wathi, "Ngikwenzile lokho kusukela ebuntwaneni bami."

Wathi, "Khona-ke ufuna ukuphelela na?" Wathi, "Ngilandele."

113 Kodwa wasuka wahamba edabukile. Kwakubiza inani elikhulu kakhulu. Ukuba Wayekade emnike imali futhi wakha isonto elikhulu kwenye indawo, wazibeka ilungu,

wayezokwenza kalula. Aniboni ukuthi lokho kufanekiswe kanjani namhlanje phakathi kwabacebile na? Kwakukhona abanye.

114 Hhayi abacebile kuphela, kodwa abampofu; abaningi babo bephuma emigodini yodaka eshelelayo, nokunye nokunye, benqaba ngenxa yokuthandwa abantu. Ngoba, Wayengathandwa ngabantu. Wayengu-Imanuweli. Bathi, "Lokho ukugxeka. Lowo ngu—lowo ngudeveli. Kungukufunda umqondo. Lowo ngu—lowo nguBelzebule." Othisha bosuku, amasonto abo amakhulu, athi, "Umbhedo."

115 Kodwa uNkulunkulu wathi, "Kuyisibonakaliso saPhakade, isibonakaliso esikhulu, isibonakaliso saso sonke isibonakaliso, sokuthi uNkulunkulu unawe, ngisho kuwe, kuze kube sekupheleni kwezwe." Naso isibonakaliso sakho esikhulu. Sedlula sonke isibonakaliso. Yisibonakaliso sokuqala. IZenzo 19, labobantu babefanele babuye futhi basiqonde leso sibonakaliso, ngaphambi kokuba baze bemukele uMoya oNgcwele, iZenzo 19:5. Nokho, ikholwa elineBhayibheli, futhi linomshumayeli okahle owayefakazisa ukuthi uJesu wayenguKristu, nokho ngaphambi kokuba bangene kuWo. . . Nokubona isibonakaliso, babefanele beze futhi baphinde babhaphathizwe, babekwe izandla futhi bemukele uMoya oNgcwele. Lelo yiqiniso.

116 Kodwa ngesikhathi soKuhlwa, ukuKhanya kulapha. Futhi Kuyagxekwa. Kuhlekiswa ngakho. Kukhulunywa kabi ngakho. Umprofethi wathi Kuyokhulunywa kabi ngakho, "Isikhubekiso." Kwakhulunywa kabi ngakho, kwahlekiswa ngakho, kwagxekwa; U-Imanuweli kithi, enza intando yaKhe ngathi.

117 O, namhlanje, mfowethu oyisihambi, dadewethu, sikholwe leso sibonakaliso. Buka emkhombeni wenhliziyo yakho, futhi ubone ukuthi uyakwazi yini ukusho ngaphakathi kuwe. Ubone isibonakaliso abelusi bezimvu abasibona. UNkulunkulu enyameni, ehlala phakathi kwabampofu, abadingayo, abenqatshiwe. Bona ukuthi ungaKuqonda. UNkulunkulu enhliziyweni yakho, uNkulunkulu phakathi *lapha*. Bhekisisa futhi ubone uma Ezibonakalisa Yena uqobo ngokuyikho, ebumnandini nasebubeleni, njengoba Enza.

118 Eminyakeni embalwa eyedlule, kwakukhona intombazane eyasuka yaya ekolishi, futhi, inenqwaba yozakwabo lapho, iba ngunqeqe kakhulu, ekufundisweni kwasezweni layo elidala ayayikade inakho, njengomama ekhaya lasemaphandleni. Futhi ngelinye ilanga yanquma, eminyakeni emibili kamuva, ukuvakashela unina futhi. Yambhalela itelegramu futhi yamtshela ukuthi yayizofika ngesitimela esithize-thize, ukuba ayihlangabeze esiteshini. Kodwa-ke, yafika nomunye unqeqe omncane. Futhi yayisibe ngunqeqe, qobo lwayo. Futhi yafika

nomunye, omunye owayethi akabe nolwazi lwezinto zomhlaba wezinsuku zesimodeni, owazi konke, itshitshana.

119 Futhi ngenkathi selifike esiteshini, lapho seliqale ukwehla esitimeleni, labuka. Futhi nakho kumi unina, ebuka ngakho konke lokho okwakukuye, ukubona ukuthi indodakazi yakhe yayikuphi. Futhi lapho intombazane eyayinayo, umama . . . yambona nobuso bakhe bonke bunezibazi, nezandla zakhe zonke zishile. Futhi wayebukeka emubi kakhulu, emdala, futhi ebukeka esabeka. Futhi intombazane eyayinoMary omncane, yathi kuye, "Ngiyamangala ukuthi ngubani leyonto endala ebukeka ilusizi na?"

120 Futhi intombazane yayinamahloni ngonina. Yathi, "Angazi. Angazi ukuthi ungubani."

121 Futhi unina, lapho ebona indodakazi yakhe, wagijima waya kuyo futhi wayigaxa ngezingalo zakhe, waqala ukuyanga.

122 Yaphusha yamsusa, yathi, "Angikwazi. Unomuntu okungesuye," ngoba yayingafuni ukuzihlanganisa nomuntu onjalo lowo omunye umuntu angamhleka futhi ahlekise ngaye.

123 Kwenzeka kwabakhona indoda, ukhodakta wesitimela, owayemi eceleni. Wadumela lowo wesifazane osemncane ngehlombe. Wathi, "Ngiyakudabukela, wenanto elusizi! Ngiyalukhumbula udaba kahle kakhulu."

124 Futhi abantu babuthana ukuzwa okwakwenzekile. Futhi yena wayikhiphela ngaphandle ngqo intombazane, futhi wathi, "Le ntombazanyana, ngenkathi yayingenazo izinyanga eziyisithupha ubudala, yayisembhedeni wayo omncane esitezi. Futhi unina wayo oyigugu, owesifazane omuhle kunabo bonke engake ngambona," kusho ukhodakta omdala. Wathi, "Indlu yokheleka ngenkathi unina wayo wayeneka izingubo. Futhi omakhelwane bonke bagijima, bememeza. Babeyibonile. Unina wayengayiqaphelanga. Kwakusegosini ohlangothini lwendlu. Futhi amalangabi ayebambelele kahle, futhi ayesesemoyeni."

125 Futhi wathi, "Abakwazanga ukubamba lowomama ophiyazayo. Ingane yakhe yayisesitezi." Futhi wathi, "Bonke bamemeza, 'Awukwazi ukungena kulawo—lawo malangabi.' Kodwa wadumela ishidi elalisesandleni sakhe, ayelengisiwe phezulu, futhi kwakuyishidi elimanzi. Futhi wazizongolozela ngalo, futhi wadabula emalangabini, nasesitezi, engacabangi ngengozi yakhe uqobo. Khona-ke ngenkathi efika lapho, wayazi ukuthi wayengeke azisonge ngeshidi ukuba abuyele emuva. Kodwa, ukusindisa ubuhle bendodakazi yakhe obabuzoyilandela, wasonga ingane ngeshidi, futhi wagijima wadabula emalangabini, nobuso obungembesiwe nezandla nezingalo. Futhi ashisa inyama yasuka emzimbeni wakhe, futhi ashwabanisa izihlathi zakhe emathanjeni akhe, futhi amonakalisa, ashisa izinwele zakhe zasuka, futhi i—i . . . konke kwaze kwafika emathanjeni omunwe wakhe."

126 Wathi, "Uba mubi, ukuze ube muhle. Walahlekelwa ubuhle bakhe, walahlekelwa yikho konke ayenakho, ukuze akusindise. Futhi bese-ke uyama futhi uba namahloni ngalowo mama oyigugu na?"

127 Mfowethu, lapho ngibona uNkulunkulu, uNkulunkulu waseZulwini, walahlekelwa yisihlalo saKhe sobukhosi, ubuhle baKhe, nakho konke lokho Ayeyikho; ukuba azalelwe phezulu kwenqwaba yomquba, esongwe ngembeleko, ukuba kuhlekiswe ngezibonakaliso zaKhe nezimangaliso zaKhe, ukuba abizwe ngodeveli; ngifanele ngibe namahloni ngaYe na? Qhabo, mnumzane. Makuthi izwe eliqhamile lenze lokho abafuna ukukwenza. Kimi, Uyisibonakaliso esikhulu. UMoya oNgcwele kimi uyamemeza. Kungahle kungenze ngiziphathe ngokuhlekisayo futhi ngibe yindoda ehlanyayo, ngalelizwe, kodwa angikwazi ukuMphika Owangenzela okuningi kangaka. Wathatha indawo yami ekufeni. Wathatha indawo yami eKalvari. Wenze zonke lezizinto. Wazehlisa ephuma eZulwini, ephuma ezihlaweni zobukhosi ezimhlophe zamaparele, ukuze abe ngumuntu; ukuze anambithe ukuhlupheka kwami, ukuze adlule ekulingweni kwami, ukwazi ukuthi ungaba kanjani ngumlamuleli owuhlobo olukahle kimi, ukungihola nokungiqondisa ekuPhileni okuPhakade. Futhi ekuhluphekeni kwaKhe, ngenziwe ngaceba. Ekufeni kwaKhe, nginikezwe ukuPhila, ukuPhila okuPhakade.

128 UngaMphiki. Ungabi namahloni ngaYe. Ungabi namahloni ngaYe. Kodwa Msingathe, bese uthi, "Yebo, Nkosi yami eThandekayo, ngiphe njengoba benza ngoSuku lwePhentekoste, Nkosi. Ngiphe uMoya oNgcwele. Uthululele enhliziyweni yami. Anginendaba ukuthi amabhungu namatshitshi athini. Anginandaba ukuthi izwe lithini. Angibuki kubo. Ngibuka kuWe." Kuyini na? Ukujoyina isonto na? Qhabo. Isibonakaliso esikhulu, u-Imanuweli, uNkulunkulu unathi.

Asikhuleke.

129 Ezethamelini zabantu kulokhukusa, ngabe bakhona lapha abangathanda ukuthi, "Kimina, nginamahloni ngempilo yami. Anginamahloni ngaYe. Nginamahloni ngempilo yami," ukunikela kuYe Owenziwa waba mubi, futhi wadelelwa yizwe na?

130 "UMuntu wenhlupheko, elujwayele uhlupho. Sonke safihla ubuso bethu kuYe," kwasho umprofethi. "Wadelelwa futhi wenqatshwa. Nokho, sathi Ijezisiwe yashaywa futhi yashaywa nguNkulunkulu. Nokho, Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, futhi yachotshozwa ngenxa yobubi bethu; isijeziso sokuthula kwethu sasiphezu kwaYo, futhi ngemivimbo yaYo siphilisiwe."

131 Ubungaba namahloni ngaYe na? Uma unjalo, woza e-altare futhi uphenduke esonweni sakho. Uma ungenamahloni ngaYe,

futhi unamahloni ngempilo yakho oyethule kuYe, into embi kabi. Ube namahloni izikhathi eziningi, phambi kukabasi; phambi komngane wakho wabesifazane, ngaphambi komngane wakho wesilisa, phambi kwentombi yakho noma isoka lakho. Kade unamahloni ngaYe, u-Imanuweli ehlala kuwe. Phakamisani izandla zenu futhi nithi, "Nkulunkulu, ngithethelele ngokuba namahloni."

132 O Nkosi noNkulunkulu wethu, siyazithoba futhi ngomusa omkhulu siyaKucela ukuba wamukele ukuxolisa kwethu, kulokhukusa, ngamaphutha ethu onke, ngokuba thina sonke ngezinye izikhathi sinecala. Sinecala ngokumela iQiniso. Sinecala. Lapho befuna ukusibiza ngegama elithile elibi, njengo, o, "umgqingqiki ongcwele," noma into ethize embi engenjalo, nokho ngezinye izikhathi siyahlehla njengoPetru futhi sizifudumeze qobo lwethu emlilweni wesitha. Sithethelele, Nkosi.

133 Unyaka omusha uyasondela kithi. Kwangathi singaqala ngalo lelihora, futhi sibone isibonakaliso esikhulu sikaNkulunkulu phakathi kwethu, uNkulunkulu ephila kithi, ehlala kithi, enza, enza impela ngendlela Enza ngayo. Futhi iziNkanyiso zakusihlwa zilapha.

Sithethelele ngamaphutha ethu. Thethelela izono zethu.

134 Futhi thina ngomusa omkhulu, Nkosi, yemukela iSipho saKho sikaKhisimuzi, iNdodana kaNkulunkulu, ukuba ihlale enyameni yethu, uthuli lwethu, ukuba ihlale nathi, ingcwelisa indlela yaYo ngeGazi laYo uQobo, futhi isinika isiqiniseko sokuPhila okuPhakade. SiyaKubonga. NgiyaKubonga, Nkosi, ngalesi Sipho esimangalisayo esikhulu esivela kuNkulunkulu, ngokuba Yisipho, isipho sikaMoya oNgcwele, sonke sihlanganisiwe eGameni leNkosi uJesu. Siyajabula ukuSemukela. SiyaKubonga ngoba ibandla lethu limele leso sibonakaliso, ngoba isibonakaliso simele isiFundiso seBandla. Thina simele Sona. Sona simele thina. Futhi siyaziwa phakathi kwamaKristu ezweni lonke namhlanje, kwabampofu, isigejane sabantu abangazi lutho eMgwaqeni u 8th noPenn, eJeffersonville; ukuthi u-Imanuweli, iNsika yoMlilo evela ehlane, uJesu waseGalile, uMoya oNgcwele wePhentekoste, wenziwe wabonakaliswa yizo zonke izibonakaliso zika-Imanuweli eziNkanyisweni zakusihlwa. Sibonga kakhulu, Nkosi. Futhi kwangathi abanye bangaSibona futhi baSemukele. Ngokuba, sikucela eGameni likaJesu, nangomusa waKhe nangomusa weBandla. Amen.

135 Ngifisa sengathi ngabe nginephimbo lomuculi. Ukuba bengifanele ngibe nephimbo lomculi njengamanje, bengingathanda ukuniculela ihubo lami engilithandayo, elabhalwa ngumngani wami oyigugu, uWilliam Booth-Clibborn.

Phansi evela enkazimulweni yaKhe, indaba ephila njalo,
UNkulunkulu wami noMsindisi wafika, noJesu kwakuyiGama laKhe.
Wazalelwa emkhombeni, kwabaKhe uqobo eyisihambi,
UNkulunkulu wosizi, izinyembezi nobuhlungu obubulalayo.

O ngiMthanda kangaka! NgiMdumisa kangaka!
Impilo yami, ukukhanya kwelanga kwami, owami oyikho konke kukho konke!
UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

Ukuzehlisa okunje pho, kusilethela ukuhlengwa;
Ngenkathi phakathi nobusuku, kungekho nelincu ithemba elibonakalayo; (Khona-ke ukubanika okusafologo kwafika!)
UNkulunkulu, oligugu, ophatheka ngomusa, wabeka eceleni ubukhazikhazi baKhe,

Ukukhothama emkhombeni, isitebele esigcwele umquba, ukuba azalwe kuwo.

Ekhothama ukuba aqomise, ukuzuza nokusindisa umphefumulo wami.

O ngiMthanda kangaka! NgiMdumisa kangaka!
Ukuphefumula kwami, ukukhanya kwelanga kwami, owami oyikho konke kukho konke!
UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

136 Futhi khona-ke Ukimi, nami ngikuYe. Futhi kini... "Ngalolosuku, niyokwazi ukuthi ngikuBaba, uBaba ukiMi, naMi ngikini, nani nikiMi," uNkulunkulu, u-Imanuweli, unathi.

137 Kwakuyilowo Imanuweli uGeorge Wright ambona, ehlezi phansi lapho khona manje; elele lapho efa, ngenkathi odokotela abane bemedlulile. Kwakuyilowo Imanuweli, lapho Wayefanele aboleke isibeletho, lapho Wayefanele aboleke i—ithuna. Waboleka amehlo ami, wathi, "Hamba utshele uMfowethu George, 'ISHO KANJE INKOSI. Uzomba ithuna lalabo bashumayeli nezinto ezimhlekayo.'"

138 Kwakuyilowo Imanuweli. KwakunguYe ofanayo, mayelana nezilwane ezincane, ngelinye ilanga emahlathini. KwakunguYe ofanayo, mayelana noMargie Morgan ehlezi lapho, bonke.

KwakunguYe ofanayo owaboleka amandla engqondo, imizwa yomzimba, ukuba azethule Yena ezweni namhlanje, ngawe, ngenkathi iziNkanyiso zakusihlwa zikhanya. UNkulunkulu abe nomusa, mngani.

139 Ngithatha isikhathi senu esikhulu kakhulu. Asikuzame. Sinikeze indlela, "O ngiMthanda kangaka!" Bangaki abalaziyo na?

> O ngiMthanda kangaka! NgiMdumisa kangaka!
> Impilo yami, ukukhanya kwelanga kwami, owami oyikho konke kukho konke!
> UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
> Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

[UMfowethu Branham uqala ukuhamisha *Phansi Evela eNkazimulweni yaKhe*—Umhl.]

> NgiMdumisa kangaka!
> Ukuphefumula kwami, ukukhanya kwelanga kwami, owami oyikho konke kukho konke!
> UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
> Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

140 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha *Phansi Evela eNkazimulweni yaKhe*—Umhl.] Manje yisikhathi saKhe ukukhombisa umusa waKhe. Umama uletha ingane encane lapha, inelukhemiya umdlavuza wegazi, umdlavuza emthanjeni yayo yegazi. Lobo bubi enganeni na?

Nkulunkulu, nali iphimbo lami; khuluma iZwi, futhi kuzoba njalo.

Ngokuba, Nkosi, Wathi, "Yisho kulentaba, 'Nqukuleka.' Ungangabazi. Kuzoba njalo."

EGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ngiyamlahla lodeveli obizwa ngelukhemiya umdlavuza wegazi. Isifo somzimba walengane, sizosuka. Sifanele siyiyeke. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi kunganjalo.

> Ukukhanya kwelanga kwami, owami oyikho konke kukho konke!
> UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
> Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

141 NgiMthanda kangaka! Angikwazi nje ukuLidedela. Ngifuna uku, njengoJakobe, bambelela kuLo.

> . . . Mdumisa!
> Ukuphefumula kwami, ukukhanya kwelanga kwami, owami oyikho konke kukho konke!

"Lokhu kuyakuba yisibonakaliso."

UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

142 AKamangalisi na? Anizizwa nje ukuthi Mkhonzeni na? KuMoya nje, Mkhonzeni nje. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha, *Phansi Evela eNkazimulweni yaKhe*—Umhl.] Vele uzikhohlwe manje. Ungabi namahloni. UMoya oNgcwele ulapha. Lowo nguMoya oNgcwele. Ngobumnene nje, ngendlela engeyakho uqobo.

UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

Nakho laph'ukhona.

Ukuzehlisa okunje pho, kusilethela ukuhlengwa; ("Kuyakuba yisibonakaliso.")
Ngenkathi phakathi nobusuku, kungekho nelincu ithemba elibonakalayo;
UNkulunkulu, oligugu, ophatheka ngomusa, wabeka eceleni ubukhazikhazi baKhe, (Cabanga ngalokho Akwenza!)
Ekhothama ukuba aqomise, ukuzuza nokusindisa umphefumulo wami.

143 Masiphakamise izandla zethu lapho silicula.

O ngiMthanda kangaka! NgiMdumisa kangaka!
Ukuphefumula kwami, ukukhanya kwelanga kwami, owami oyikho konke kukho konke!
UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

144 Nkosi, asisoze sakwazi ukuqonda izingcebo, ukugcwala koMoya waKho, size siMbone ngalolosuku lapho Eyofika khona. Singahle ukuba silele othulini. Ngingahle ngidingeke ngibuyele othulini lasekuqaleni, kodwa lokho angeke kungikhathaze nakancane. "Ngiyazi ukuthi Uyobiza, futhi ngiyophendula. Futhi ngiyoMbona njengoba Enjalo. Lo mzimba onokubola uyoguqulwa futhi wenziwe ufane nomzimba waKhe uQobo wenkazimulo, ngamandla Angazihlelela ngawo konke phansi kwaKhe."

145 Ngiyohlala njalo ngiKubonga ngesipho sikaKhisimuzi sikaKristu enhliziyweni yami, ukwazi ukuthi nguKristu ofanayo, ngoba Wenza into efanayo. Ungenza ngizizwe futhi ngenze njengoba Enza ekuqaleni, encekwini yaKhe.

146 Ngiyabonga ngeBandla ezweni lonke jikelele, ukunqoba, sengivele ngimiselwe ngaphambili, futhi ngabizwa, futhi

ngabekwa uphawu, futhi ngagcotshelwa kulowo Mzimba. Ngibathola e-Eshiya, e-Afrika, eRoma, yonke indawo, e-Indiana, kudabule ezweni, e-Afrika. Yonke indawo emhlabeni jikelele, ngithola ukuthi iBandla liyanqoba, owaziyo ukuthi Ufikile enyameni. Futhi Washo ukuthi, "Wonke umoya . . ." EBhayibhelini laKho, Wathi, "Wonke umoya ongakuvumi lokhu, ngumoya ongalungile, umphikukristu. Wonke umoya ongafakazi into efanayo, ukuthi uKristu ungenile enyameni yethu, ngumoya womphikukristu."

147 Baba Nkulunkulu, ngisize uku—ukuhlwitha lezozinkuni ngaleya. Ngiyababona, Nkosi, ngaleya. Ngibona abanochoko emasangweni, bukani eNdiya ngaleya, eTaj, esangweni, lezozinto ezizihluphekelayo zihuquzela emhlabathini, kungekho zinyawo. Ngibona labo abafana abamnyama abancane abazihluphekelayo ngaleya e-Afrika, izandla zabo ezincane zifinyelela phezulu. O Nkulunkulu, ngithume, Nkosi. INgelosi mayize nelahle loMlilo, livuthe emphefumulweni wami, Nkosi, futhi likhipha onke amanyela nobuvila, ukuthi ngingahamba njengo—ngokhuni lukaNkulunkulu, ukuludonsa emlilweni lezo ezisesigayegayeni sobumnyama.

148 Busisa ibandla lami elincane, Nkosi. O, ngiyawubona umzila wemvithi yesaha encane ezansi lapha, futhi ngibona abantu abayigugu. Abantu beshayela bedlula bengene ezimotweni zabo, bebahleka, ngoba baphakamise izandla zabo, bedumisa uNkulunkulu. Kodwa ngolunye usuku uJesu uzofika, futhi zonke izinto zizolungiswa. Angeke sibe namahloni, Nkosi. Sizohlangana noPawulu wakudala, futhi sithi, "Anginamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu, ngokuba LingaMandla kaNkulunkulu ensindisweni, ekuPhileni okuPhakade, kubo bonke abakholwayo." Sisize siphile ngaleyondlela, Baba. SiyaKudumisa manje eMoyeni, ezindaweni zaseZulwini. SiyaKubonga ngalokhu kuvakasha kulokhukusa. EGameni likaJesu. Amen.

149 Kanye nje futhi, nizokwenza na?

> O ngiMthanda kangaka! Kangaka ngi . . .

Nkosi Jesu, . . . ? . . . eGameni likaJesu.

> . . . owami oyikho konke kukho konke!
> UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
> Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

150 Ufuna nje okuningi kwaKhe, awakufuni, Doe na? [UDelores uthi, "Yebo."—Umhl.] Lowo ngudadewethu, udadewethu enyameni. "O kanjani . . ." Umalokazana wakwami. Bafuna okuningi kukaNkulunkulu. UMfowethu Grimsley uyeza, ufuna okuningi kukaNkulunkulu. "Konke kwami . . ." Yilokho-ke. UMfowethu Wood, uyeza. UMfowethu Collins, umshumayeli weMethodisti; umkakhe, abanye. " . . . waba nguMsindisi wami."

Lokhu imisebenzi kaMoya oNgcwele ibiza, Yena uqobo. " . . . uhlala kuYe."

O ngithanda kangaka . . .

Vele ukuveze ngendlela yakho manje.

NgiMdumisa kangaka!
Ukuphefumula kwami, ukukhanya kwelanga kwami, owami oyikho konke kukho konke!
UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

151 Nkosi, Nkosi, nazi lapha, izimvu zedlelo laKho. Zondle, Nkosi, ngoMoya waKho. Bayazinikela qobo lwabo kuWe, Nkosi. Bahlukanisela izimpilo zabo kuWe. Bamile ngoba abanawo amahloni ngeVangeli likaJesu Kristu. Siyazi ukuthi Ulapha, iNsika yoMlilo enkulu, uKristu, uMoya oNgcwele.

. . . -Mdumisa!
Ukuphefumula kwami, ukukhanya kwelanga kwami, owami oyikho konke kukho konke!
UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

152 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha *Phansi Evela eNkazimulweni yaKhe*—Umhl.] Khulumani nje ngamazwi enu uqobo manje. Lowo nguMoya oNgcwele onilethe lapha. Mtsheleni nje ukuthi niyaMthanda. UMoya oNgcwele ofanayo owabavusa ngePhentekoste, nimile lapha nikhala, nikhala izinyembezi, nijabula.

UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

Ngaphandle kokunqikaza, inyama negazi yinto yaKhe, (ingane encane kuye)
Wathatha isimo somuntu, wembula icebo elifihliwe.
O imfihlakalo emangalisayo, uMhlatshelo waseKalvari,
Futhi manje ngiyazi Wena uyilowo omkhulu u "NGINGUYE."

O ngi . . . O Nkulunkulu! NgiMdumisa kangaka!
Ukuphefumula kwami, ukukhanya kwelanga kwami, owami oyikho konke kukho konke!
UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

153 O uthando olungeke lungivumele ngihambe, uthando olubamba ngqi inhliziyo yami ngale kwanoma yini, ubumnandi boBukhona bukaMoya oNgcwele; ngenkathi ibandla laKhe lisamile lizungeze i-altare, lidumisa, libuka emkhombeni, libona into efanayo izazi ezayibona, uNkulunkulu enziwe inyama.

> . . . waba nguMsindisi wami,
> Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

154 Ngabe ikhona into engalungile empilweni yakho, ivume manje eBukhoneni bukaMoya oNgcwele, ngenkathi kusathulekile. Buka enhliziyweni yakho, ubone ukuthi ukhona yini umkhombe lapho ongamela ukugxekwa, ekuvumeni kwakho ukuthi UnguNkulunkulu.

> Konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

155 Namakhanda enu ekhotheme manje, nikela nje umkhuleko, qobo lwakho. Lona nguMoya oNgcwele. Awubuzwa ubumnene nobubele boMoya kaNkulunkulu, ubumnandi, ukuPhila okuhlala isikhathi eside na?

156 "Lapho kukhona izilimi, ziyophela. Lapho kukhona isiprofetho, siyokwehluleka. Lapho kukhona ulwazi, luyokwehluleka. Kepha uma sekufika uthando, lumi phakade." "Uthando luyabekezela isikhathi eside. Aluzidumisi lona. Aluzikhukhumezi. Aluziphathi kabi, ngokungafanele. Kepha Luyasithoba, lwenza kube mnandi kithi, lufaka ubumnandi emphefumulweni wakho."

157 Asikhuleke manje, ngamunye ngendlela yakho uqobo, ubonge uNkulunkulu ngalokho Akwenzile.

158 O Nkosi, ebumnandini baleliculo, buvezwa ngokhiye, hhayi umsindo ongaqondakali, kodwa umsindo oshoyo ukuthi, kithi, Ungubani uNkulunkulu wethu, njengoba iZwi likuvezile. Manje umculo uyakuveza. Manje izinhliziyo zethu ziyakuveza, Nkosi, izimo zethu zokuziphatha ngakuWe. Siza ngaphambili. Bamile ngezinyawo zabo. Bayakuthanda. Ndawonye, Nkosi, simile njengezimvu zaKho, izimvu zedlelo laKho. Siyakuthanda lokhu Kudla, Kuyilungele imiphefumulo yethu. Futhi siyazi ukuthi uNkulunkulu uhlala nathi. Siyazi ukuthi uNkulunkulu wathululelwa kuKristu, noKristu wathululelwa eBandleni.

159 Futhi lapha simile namuhla, lapho zonke izinhlobo zezinkolo, nazo zonke izinhlobo za—zamahlelo nezigaba, zonke izinhlobo zezinkolelo, kodwa nokho iZwi lizikhulumela Lona, uNkulunkulu ebonakalisiwe. Isibonakaliso esikhulu ukuthi uNkulunkulu usabonakaliswa enyameni yabantu baKhe, enza izibonakaliso ezifanayo nezimangaliso, ebonakala ngesimo seFu, iNsika, ehlala phakathi kwethu, ehlukanisa izinhliziyo zethu, ebikezela izinto ezizayo, ephulukisa ukugula kwethu,

esenza siboshelwe kakhulu eZulwini size sisangane. Size, senze izinto ezixakile, kubantwana bezwe; bama kanjani futhi bahleke, futhi becabanga ukuthi siyahlanya, njengoba benza ePhentekoste, bethi, “Abadakiwe yini bonke laba na?”

> Kodwa ngiMthanda kangaka! NgiMdumisa kangaka!
> Ukuphefumula kwami, ukukhanya kwelanga kwami, owami oyikho konke kukho konke!
> UMdali omkhulu waba nguMsindisi wami,
> Nakho konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe.

160 Ngabe niyaziphakamisa izandla zenu manje ukwethembisa ukukholwa kwenu kuNkulunkulu, izifungo zenu kuNkulunkulu, ukwethembeka kwenu nobuqiniso kuNkulunkulu, isonto seliphumile na?

161 Thina manje, Nkosi, siyazethula kuWe, emva kwalesisibusiso sokubonakaliswa koBukhona baKho, sazi ukuthi uNkulunkulu usabonakaliswa enyameni yethu. Waba uthuli lwethu, Waba ulibo lwethu; Waziwelisa Yena esuka kuNkulunkulu eba ngumuntu, ukuthi umuntu angahlala kuYe. Futhi siKuzwile kulokhukusa, emimoyeni yethu. Sibona imisebenzi yaKho nokubonakaliswa kwaKho. SiyaKuthanda. Sizenzela isifungo kabusha kuWe: ukuKuhlonipha, ukuKuthanda, nokwenza konke esaziyo ukuthi sikwenze kanjani, lokho okuzothokozisa, ukuphila izimpilo ezizofana namaKristu, lokho obekungeke kulethe ihlazo, kodwa kuzoba yisibusiso eGameni eliNgcwele laKho elikhulu. Lokhu siyakwenza, Nkosi, njengabantwana baKho, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

162 Ngifuna ukunibuza okuthile ngaphambi kokuba nihlale esihlalweni senu. Senake nayizwa into emnandi kangaka na? Ubumnandi bukaMoya oNgcwele! Akekho osho izwi; ukusukuma nje ngokuzenzekelayo, uza ngaphambili. Inkazimulo kaNkulunkulu! Niyabo?

163 Kade ngikhuleka futhi ngitadisha, izinsuku ezimbili, ngalokhu. Ngaphezu kwalokho. Kusukela ngeSonto eledlule, noma ngeledlule, ya, ngeSonto.

164 Ukuthi leso siBonakaliso esikhulu, ukuthi uNkulunkulu wathi, “Ngizobanika isibonakaliso. Ngizoba senyameni yabo. Ngizoba njengabo; bazoba njengaMi.” Wathi iziNgelosi zabuka ngaphesheya. Noma wathi . . . IziNgelosi zathi kubelusi bezimvu, “Bhekani emkhombeni, nizobona ukuthi ngiqonde ukuthini.” Leso sibonakaliso sasingesona eseziNgelosi kuphela. Kwakungesona esabelusi bezimvu kuphela. Esezwe, ukubona nokukholwa ukuthi uNkulunkulu uhlala enyameni.

165 Futhi ngokunikela kwaleyo nyama, Wangcwelisa inyama yethu, ukuze Ahlale ngaphakathi kithi. UNkulunkulu kuwe. UKristu kuwe. “Bheka, Ngiyoba nani njalo, kuze kube

sekupheleni kwezwe." Ningakukhohlwa lokhu. Kugcineni ezinhliziyweni zenu.

166 Ngithole ezinye izipho ezinhle kakhulu zikaKhisimuzi, ikhamera yebhayisikobho, nezinye izinto eziningi, izibhamu nezinto, leyo abantu abangithandayo, bangipha yona. Ngikuthakasela kanjani lokho!

167 Kodwa, o, lokhu, lokhu kuPhila okuPhakade, isiqiniseko esibusisiwe sokuthi uKristu uhlala kithi, ukuthi ukugcwala kwaKhe kuhlala kithi, kusenza sisukume siziphathe ngokwehlukile. Ngoba, wena, uma wenza lokho, uba ngumhambuma ezintweni zomhlaba. Uba yisihambi. Uzibala njengofile ezintweni zezwe, futhi uphila empilweni entsha. Manje usungowezizwe ezweni. Ungowezizwe ngoba ukuvumile ngokucacile, ngezenzo zakho, ukuthi, "Kukhona uMuzi OMakhi noMenzi waWo nguNkulunkulu." Niyabo? Futhi awusenandaba nalezizinto zezwe, kodwa singabantu ababheke eZulwini abafuna lowoMuzi OMakhi noMenzi. . . kaNkulunkulu. SiyiNzalo ka-Abrahama ngoba sikholiwe yiNkosi uJesu Kristu, futhi sifile ezintweni zezwe, futhi sivusiwe futhi ekuvukeni kokufana naYe; ukuhamba njengoba u-Abrahama enza, sifuna uMuzi ozayo, sithatha iZwi likaNkulunkulu, sibiza konke okunye okuphambene, ukubungaza izingelosi ekhaya lethu, njengoba u-Abrahama enza, izithunywa zikaNkulunkulu, ezaletha umlayezo. O, isikhathi esinje! Sivuma ukuthi asisafuni lutho olwezwe. Sifuna Yena, futhi Yena yedwa. UnguMsindisi wethu.

168 Njengoba nihamba nisuka kulesisakhiwo namhlanje ekuseni, hambani naYe. Ningalokothi niKushiye. Yibani mnandi emphefumulweni wenu, zonke izinsuku zokuphila kwenu. UNkulunkulu anibusise manje njengoba niya ezihlalweni zenu, nabantwana unezipho zabo. UNkulunkulu anibusise.

169 Ngabe kuzokhulekelwa na? Basize badlule lapha, dade. Kuzokhulekwa.

INkosi uNkulunkulu mayibe nomusa kulomfowethu. Khipha umoya wokudakwa kuye, Nkosi. Kwangathi angadakwa yiWayini elisha likaNkulunkulu. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

170 Akusikho nje okwaseZulwini lokhu na? Bangaki okuzwayo lokho, lokhu nje, ubumnandi nje na? Akekho owaziyo ukuthi athini. Angazi ukuthi ngithini. Nje ngi—ngi . . . ngiswele amazwi. A—angazi ukuthi ngithini. UMoya waKhe nje uyangena nje, niyabo.

171 Kuyini na? Niba ngamawundlu, futhi iJuba lilapha ukuba liniholele eKudleni kwewundlu, uKudla kwezimvu. *Lokhu* uKudla kwezimvu, "Umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa, kodwa ngalo lonke iZwi eliphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Imimoya yethu ihlala kuLokho.

172 Ngiyacabanga manje ngizobona umngani wami olungile, uMmeli uRobinson, uma nje nizolinda esakhiweni isikhathi eside ngokwenele ngize ngikwazi ukushintsha izingubo zami, ngibuye, ngoba ngijulukile.

173 UMfowethu Neville uzoqhubeka nenkonzo manje, ye—yezipho zabantwana. INkosi ikubusise.

174 Njalo culani *Phansi Evela eNkazimulweni yaKhe*. Uma nenza lokho, khumbulani esikholelwa kuYe, "Konke ukugcwala kukaNkulunkulu kuhlala kuYe." UNkulunkulu anibusise, Mfowethu Neville.

175 [UMfowethu Neville ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Ya, uma ufuna mina ngikwenze. ["Yebo."]

176 UMfowethu Neville ungicelile ukuthi ngizobuya yini kulobubusuku, futhi, ukuzoshumayela futhi kulobubusuku. Ngiyakuzonda uthatha inkonzo yakhe. Kepha ngilapha, yilokho engikuzele lapha. Kulungile, ngizobuya kulobubusuku, iNkosi ithanda, ngikhulume enkonzweni.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org